

# SIYAKUYA KUBANI NA?



Mfowethu Russell. Awungitshela ukuthi yini...Qhabo. Yebo. Ngigonde ukusho njalo. Ukushilo. [Umfowethu uthi, "Uphazamile."—Umhl.] Ngakho, ngiyabona. Enhla *ngapha*. ["Ehhe."] Kodwa ngempela *ngapha*.

<sup>2</sup> Awu, impela siyajabula ukuba lapha noMfowethu Ruddell nebandla lakhe futhi, kulobubusuku. Futhi banawo amafeni, uma ninawo ugesi, ngakho zizwele ngempela usekhaya. Ngihlala phandle emotweni futhi ngalinda kwaze kwaba yisikhathi nje sokuba ngingene, ngoba be—bengazi ukuthi kuzofudumala. Kubukeka sengathi, eIndiana, sinobusika futhi-ke sinehlobo, bese-ke sibuyela ebusika futhi.

<sup>3</sup> Futhi ngakho ngijabule idabuli, kulobubusuku, ukuba ngibe kulelipulpiti noMfowethu Ruddell, ngoba uMfowethu Ruddell ucishe afane impela nabafana bami uqobo. Ngisakhumbula, eminyakeni eyedlula, ngenkathi uyise nami sisebenza ndawonye. Nalapho-ke lomfana efika, futhi wathola imfundo yakhe, waya eBhayibheli S'kole kaNkulunkulu, kwakuthi ukubal'khuni kuye ukuba aqale. Kubukeka sengathi nje wayengafuni ukuphuma, ngandlela thize. Uhoshekela emuva, unamahloni. Kodwa, ekugcineni, waputshuka, futhi lokhu yizithelo zokuputshuka kwakhe. Futhi ngicabanga ukuthi, qobo lwami, ukuthi uMfowethu Ruddell usaqala nje. Lokhu kusengukuqala nje. Futhi kul'khuni ukusho ukuthi lokhu kuyokhula kugcinephi. Ngethemba ukuthi kumboza amahlathi amnyama phezulu lapha. Njenge...

<sup>4</sup> Bengisho komunye, phandle, uMfowethu Mike Egan. Eminyakeni embalwa edlule, ngangivamise ukuzingela izingwejeje khona impela phakathi ngapha. Izinto ithatha kanjani. Kubukeka sengathi impucuko ivele ithathe nje. Ngeke sisaba nendawo yokuzingela izingwejeje noma sizingele onogwaja, nhlobo, uma lendawo ilokhu ikhula konke lapha. Sengathi ivele nje...

<sup>5</sup> Eminyakeni embalwa edlule, phezulu lapha endaweni endala lapho engakhuliswa khona, ngani, wawuhamba imayela uya kwamakhelwane. Manje, awusakwazi ukuphosa amanzi phandle ngomnyango ongemuva, ungawaphosanga emnyango wakhe. Ngakho, nje bonke abantu baminyene ndawonye.

<sup>6</sup> Kumnandi ukuba lapha. Futhi ngeke nginihlalise isikhathi eside. UMfowethu Ruddell ungelile, ngesinye isikhathi, ukuba ngikhuphukele lapha etabernakele, ngikhulekele abagulayo.

<sup>7</sup> Ngicabanga ukuthi, into eyodwa okuyenzayo kumfundisi omncane njengalona, uma siza futhi sikhulekele abagulayo, futhi ikakhulukazi uma iNkosi yethu izovele nje isibonise

enye yeNkazimulo yaYo, kuzoqinisa lelibandla eliselisha. Ngibona abanye babangane bami lapha abavela etabernakele, nabanye babaphatheli, njalonjalo. Futhi manje, laba, abaningi balababantu uyibonile iNkosi iphilisa abagulayo. Futhi, awu, uma nje Izosenzela khona futhi kulobubusuku, ifike esigcawini, eNkazimulweni yaYo, kuzo—kuzoqinisa ukukholwa kwabantu. Kuzobanika i—ithemba.

<sup>8</sup> Kuzosiza uMfowethu Ruddell, ngoba uMfowethu Ruddell uphokophelele ukushumayela iVangeli eliGwele. Manje, ngiyophoxeka kuye uma engakuphokophelele. Ngineqiniso ukuthi iNkosi iyokwenza. Ngakho, futhi, manje-ke, uzohlala naLo. Futhi mhlawumbe lemihlango emincane izo, njengalo, lapho abanye bethu bashumayeli abadala, niyazi, bengangena, ngani, kusiza labobafana abasebasha phandle.

<sup>9</sup> Futhi manje, kubafo betabernakele, bengizobe ngisezansi kusasa, kodwa nje ngi...Manje, angizukuba-nasikhathi sokuhlaba ikhefu manje zize zibe yishumi nanhlanu kuAgasti. Ngumhlango emva komhlango nje. Ngakho ngizothi mhlawumbe, ngingahle ngize kuSonto sikole, kodwa ngingakhulumi.

<sup>10</sup> Futhi ngiyadabuka ukuzwa, cishe ehoreni nje eledlule, ukuthi uMfowethu Neville, umelusi wethu, umlamu wakhe ungewatshwe namhlanje. Angazi noma itabernakele belikwazi yini lokho. Angicabangi ukuthi uMfowethu Neville ukhona. Ngizalaze macala onke, ngaphambi kokuba ngisho lokhu. Angazi noma bebazi yini ukuba bathumele izimbali ezansi lapho. Angazi nje. Ngikufundile nje, emizuzwaneni embalwa edlule. UBilly ungitshele ukuthi ukhona omtshele ukuthi umlamu kaMfowethu Neville ungewatshwe namhlanje. Impela ngiyadabuka ukuzwa lokho. Ubeyisihlobo esiqhelelene nami, ngomshado. Futhi ngiyadabuka ukuzwa lokho, yena eshona.

<sup>11</sup> Abanye ababili babangane bami belele ezansi lapho, kulobubusuku: uDave Wright noMnu. Henson. Bengingazi ngisho nokuthi bebegula. Bobabili bafele ezibhedlela, izolo nakulokhu ukusa, ngiyacabanga.

<sup>12</sup> Ngakho, kukhombisa into eyodwa, ukuthi asikho lapha isikhathi eside kakhulu. Siyahamba siqonda khona phansi emgqeni. Asazi ukuthi sikhathi-sini uNkulunkulu azokhipha ngaso inombolo yethu eshalofini lamakhadi phezulu lapho. Sizofanele siphendule.

<sup>13</sup> Ngakho njengoba singena kulenkonzu, kulobubusuku, ngiyazi ukuthi kuyashisa, kabi kabi. Kodwa asikhumbule ukuthi siza lapha ukuzokwenza okungcono ukwedlula konke esingakwenza, ukukhombisa kuNkulunkulu ukuthi siqotho futhi siyaMthanda. Futhi sifuna wonke umuntu lapha, ongaMthandi, ukuba athandane naYe kulobubusuku. Wonke ongaMkholwa, sifuna uMkholwe, kulobubusuku, ngayo yonke

inhliziyo yakho. Ukuba lomhlangano ube yinto ezoba wuphawu lomlando, phezulu lapha kulelitabernakele, ukuthi ningabuye nikhombe kulesisikhathi, bese nithi, “Lobobusuku, iNkosi yafika kithi futhi yenza ukuthi nokuthi.”

<sup>14</sup> Ngakho, manje, ngaphambi kokuba sivule iBhayibheli ekufundweni kweZwi. . .

<sup>15</sup> Niyangizwa kahle ngemuva lapho, emuva le ngemuva na? Angazi, *ngapha*, uma ni. . .Nikuzwa kahle lokho na? Lokho kukahle, *lapho* na? Angikubonanga ukuvuma ngamakhanda okuningi. Lokhu-ke, kukahle na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile. Kugcineni kuphume *kanjena* nje, ke.

<sup>16</sup> Manje asikhothamiseni amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko. Futhi angazi, ngesizotha salomzuzwana, angabakhona lapha ongathanda nje ukukhunjulwa emkhulekweni, ngokuphakamisa izandla zakho na? UNkulunkulu akubusise, ngamunye. Uyabona futhi uyazi.

<sup>17</sup> Baba wethu waseZulwini onomusa, siza eBukhloneni baKho ngenhlonipho, kungesikho ukukhothamisa amakhanda ethu kuphela, kodwa izinhliziyo zethu zikhothame. Ngokuba siyaqonda ukuthi kulotshiwe eZwini laKho, ukuthi, “Nomaphi lapho kubuthene ababili noma abathathu, Ngiyoba phakathi kwabo.” Ngakho sinesiqiniseko ukuthi Ulapha manje, ukuthi uMoya oNgcwele omkhulu uhamba kulendlu encane, ngoba yisithembiso sikaNkulunkulu.

<sup>18</sup> Sikhulekela ukuthi Uzobusisa umbuthano wethu kulobubusuku. Busisa lelibandla elincane nomelusi walo, nabobonke abalo abayizisebenzi ezibambisene, onke amalunga. Futhi kwangathi lingakhula likhule lize libe yindlu ephethe ilambu lokukhanyisela imikhumbi esolwandle yoMbuso kaNkulunkulu, kuze kuze abantu bakude nabaseduze, ukuba bavakashe, ukuzobona imisebenzi yeNkosi. Kwangathi lingaba njengethempeli lasendulo, ukuthi abantu abavela emhlabeni wonke jikelele baza ukuzozwa ukuhlakanipha kukaSolomoni, nokuthi izinto eziningi ezinkulu zenzekile. Futhi nomaphi lapho esibuthene khona ngeGama laKhe, leyo yindawo yokuhlangana, ithempeli leNkosi.

<sup>19</sup> Futhi sikhulekela ukuthi Uzohlonipha, kulobubusuku, izinceku zaKho, nemikhuleko esiyenza kuWe, amaculo esiwaculayo. Futhi busisa iZwi, Nkosi. Njengoba Liphuma, kwangathi ngempela Lingawela emhlabathini ovundileyo. Ngalo lehora, Nkosi, sikhulekela ukuthi Uzongcothula onke amakhakhasi aluhlaza, zonke izimpande zokubumuncu, nakho konke ukungakholwa, ezinhliziyweni zabantu; ukuze iZwi liwele emhlabathini omuhle, ocebile, ovundisiwe, ukuthi Lizothela imiphumela emikhulu kulababantu.

<sup>20</sup> Busisa bonke labo abaphakamise izandla zabo. Ubabonile futhi uyazazi izidingo zabo. Siphe lokhu, Baba, ngeGama leNdodana yaKho eNgcwele, iNkosi uJesu, siyakucela. Amen.

<sup>21</sup> Manje, kulobubusuku, nina eninamaBhayibheli enu, ngifisa niphanye kanye nami kuJohane oNgcwele, isahluko 6, futhi asiqale cishe evesin 66, futhi sifunde izincwadi ezimbalwa. UJohane oNgcwele 6:66.

*Emva kwalokho abaningi babafundi bakhe babuyela emuva, ababe besahamba naye.*

*Ngakho uJesu wathi kwabayishumi nambili, Nani nithanda ukumuka na?*

*USimoni Petru emphendula, wathi, Nkosi, siyakuya kubani na? ngokuba amazwi okuphila okuphakade akuwe.*

*Siyakholwa siyazi ukuthi wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo.*

<sup>22</sup> Ngizoyibiza ngendikimba, ngithanda ukuyenza lokhu: *SiyaKuya KuBani na?*

<sup>23</sup> Niyazi, abantu banamhlanje kungokuningi kakhulu njengoba kunjalo ngalolosuku. Abantu bayahambahamba, bengazi ukuthi bayaphi, futhi babonakala benganaki. Bezihlalele nje ukuthi baziyele noma yikuphi lapho befisa ukuya khona, futhi—futhi uhlobo lwabantu abafuna injabulo. Ucishe afane nje njengoba wayenjalo ngenkathi eshiya uNkulunkulu ensimini yase-Edene, futhi wayeshiywa ukuba azigudlukele yena. Uvele ashiye uNkulunkulu angabibikho, futhi aziyele nje noma yikuphi lapho efisa ukuya khona, futhi uhlobo oluhlanyiswa yinjabulo.

<sup>24</sup> Futhi—futhi akakaguquki kangako emicabangweni yakhe. Akakaguquki kangako emibonweni yakhe. Usalokhu efuna inkolo yakhe yehlamvu lomkhiwane, niyazi. Ufuna ukuyenza, qobo lwakhe, bese ezemboza, bese esuka ehamba njengokuthi, ngokufana, ngingathi, ngokufana, njengokholakalayo, ukukholakala kokuzenzela, uma lelogama lizwakala linomqondo. Uzenza yena akholwe ukuthi ungokholakalayo. Kanti, phansi emphefumulweni wakhe, uyazi ukuthi usephutheni. Uyazi ukuthi noma yini umuntu azoyenza, yonakele okokuqala nje. Futhi angekwaze nhlobo ukuzisindisa kunoma engathatha amabhande amabhuzu bese egxumela enyangeni. Angekwenze. Ezama ukwenzenjalo, unjengengwe izama ukukhotha amabala ayo iwasuse. Kuphela ukhombisa izono zakhe ngokugqame kakhulu. Kodwa yena, noma kunjalo, akafuni ukulalela. Uyazulazula nje.

<sup>25</sup> Kodwa, uPetru, ngalolosuku, wakwazi ukuphendula njengenqwaba yethu kulobubusuku. Wayethole into ehlukele. Wayehlangane noJesu, futhi wayazi ukuthi kwakukhona into

engaphezulu kokuzulazula nje. Noma ubani oke ahlangani noJesu, akabe esafuna neze ukuzulazula, nhlobo. Kukhona okwenzeka kuye uma ehlangana noJesu. Akabe esafana neze. NaloPetru wayehlangane noJesu, futhi wayethole into ethize kuJesu eyayehlukile kunoma ubani omunye. Wayengekho neze umuntu owayenjengoJesu. Futhi wayethole lento ethize enkulu kuYe, eyamenza waphendula lombuzo, “Nkosi, besingaya kubani na?”

<sup>26</sup> UJesu wathi, “Manje, uma—uma nifuna ukuhamba namanye amashumi ayisikhombisa, nikhululekile, qhubekani nje nihambe.”

<sup>27</sup> Kodwa uPetru wathi, “Besingaya kuphi na? Besingaya kubani na? Ngokuba iZwi lokuPhila okuPhakade likuWe wedwa.” Akukho-namunye owayenaLo ngaphandle kwaKhe. NoPetru wayekade enaYe isikhathi eside ngokwenele, futhi wayezibonile izimangaliso zaKhe nezibonakaliso, nezimanga ezivela kuNkulunkulu, futhi wazi ukuthi lelo kwakuyiQiniso, ukuthi WayeneZwi lokuPhila okuPhakade.

<sup>28</sup> O, ukuba kuphela besingahambisana naYe isikhathi eside ngokwenele ukukuqonda lokho, ukuthi Yena yedwa uneZwi lokuPhila okuPhakade.

<sup>29</sup> Manje yini lena uJesu ayenayo eyayehluke kakhulu kangaka kunanoma ubani omunye na? Kungani Wayehlukile kurabi na? Urabi wayengumpristi. Wayengumfundisi, isifundiswa esikhulu. Mhlawumpe, emfundweni yomhlaba, emedlula kude le uJesu.

<sup>30</sup> Asinabufakazi obubhalwe phansi bukaJesu ukuthi wake waya esikoleni, noma efunda noma yini kumuntu. Wayengakudingi. WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Kwakwembulwa kuYe, kuvela eZulwini, ukuthi akenzeni. Nalesisambulo saseZulwini sasilethe okukhulu okuhlaba umxhwele phezu kwalababafundi, uPetru waze wathi, “Besingaya kubani, ukuba sithole Lokhu na?”

<sup>31</sup> Futhi kuyikho ngempela nje kulobubusuku. Besiyoya kubani ukuba sithole Lokhu ukuba asizanga kuYe na?

<sup>32</sup> Manje, ngibhale phansi lapha, esiqeshini sephapha, izizathu eziyisikhombisa, noma izinto eziyisikhombisa, ukuthi, izizathu zokuthi sifanele size kuJesu. Ngifuna ukukhuluma ngalezizinto eziyisikhombisa okwemizuzu engamashumi amabili noma amashumi amathathu nje elandelayo, ngaphambi kokuba sikhulekele abagulayo.

<sup>33</sup> Ngani, kwakuyini, uJesu ayenayo, eyayehlukile na? Kungani kwakufanele kubenguYe Yedwa na?

<sup>34</sup> Into yokuqala, uJesu wathi, “NgiyiNdlela.” Manje, linye kuphela iZulu, futhi munye uNkulunkulu, neNdlela eyodwa yokufika Lapho. Akusizo izindlela eziningi, kodwa kukhona

iNdlela eyodwa kuphela yokufika Lapho. NoJesu wathi, “NgiyileyoNdlela.”

<sup>35</sup> Manje, sizama ukwenza ezinye izindlela. Sizama ukuthi sithi zikhona ezinye izindlela. Sinendlela yesivumokholo, futhi sizama ukulandela lokho. Abaningi bethu, emabandleni, sinesivumokholo esithize esi—esisigcinayo. Futhi lokho kungahle kube kuhle, okokuzemboza ngeqabunga lomkhiwane.

<sup>36</sup> Kodwa uma uya eZulwini, ufanele uze ngoJesu, ngokuba UyiNdlela. Ayikho enye indlela engabakhona, eya eZulwini, kuphela ngoJesu.

Sinezindlela esizibiza ngokuthi, “Ihlelo lethu.”

Buza umuntu, namhlanje, “UngumKristu na?”

“O, ngiyiMethodisti.”

“UngumKristu na?”

<sup>37</sup> “NgiyiBaptisti. NgiyiPresbyterian. IPentecostal, noma iNazaretha, noma yinto efana nalokho.” Lowo akusiwo umbuzo.

<sup>38</sup> Ukuba ngumKristu, ufanele ube kuKristu. Futhi yinye kuphela indlela oyithola kuKristu, futhi leyo ayingazo izivumokholo noma amabandla, kodwa ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Sifanele sizalwe ngokusha. Futhi uma sizalwa ngokusha, khona-ke sikuKristu. Futhi uma nikuKristu, niseNdleleni, ngokuba UyiNdlela.

<sup>39</sup> Kwakukhona umuntu, ngesinye isikhathi eBhayibhelini, uJesu, emfanekisweni waKhe odumileyo, akhuluma ngaye. Ukuthi, Wathi kwakukhona umuntu owayeyisicebi, futhi wenzela indodana yakhe isidlo sakusihlwa, okwakuzoba yisidlo sakusihlwa somshado. Futhi wamema abantu ukuba beze. Futhi kwathi ukudla kwakusihlwa sekulungile nayoyonke into isilungele ukuba iphakwe, zonke izimenywa zasezihlalisiwe. Futhi etafuleni kwatholakala umuntu owayengayembethe ingubo yomshado.

<sup>40</sup> Manje, abantu abaningi abafunda iBhayibheli bawejwayele kabi lomBhalo.

<sup>41</sup> Nenkosi yathi kulomfo, “Mngane, yin’indaba ubelapha ngaphandle kwengubo yomshado na?” Umbuzo wabuzwa, “Uzeleni ungenayo ingubo yomshado na?”

<sup>42</sup> Futhi niqaphelile yini, iBhayibheli lasho, ukuthi, “Wathula.” Wayengenazaba.

<sup>43</sup> Manje, ngike ngaba nenjabulo yokuba sezindaweni zaseMpumalanga nokubona imishado yaseMpumalanga. Abashintshi. Amasiko afanayo, izinkulungwane zeminyaka.

<sup>44</sup> Manje, uma kukhona isidlo sakusihlwa somshado esifanele sinikezwe, ekuhlonipheni othize, umyeni unika bonke abantu abangenayo izingubo ezishaya phansi, ngoba abangane bakhe baxube abampofu, abacebile, nabanganaki. Kodwa bonke

abamemayo, unikwa isimemo, futhi kulesisimemo kunegama lomyeni kuso. Futhi uletha lesisimemo emnyango. Futhi kukhona u—umlindimnyango oma emnyango, futhi unezingubo.

<sup>45</sup> Ngakho-ke, kukhuphuka umuntu oyedwa, egqoke kahle ngempela, nomlindimnyango amembathise, ingubo evamile. Umuntu olandelayo akhuphuke, ugqoke kahlana, akagqokile kabi kangako, kodwa uthola uhlobo olufanayo lwengubo eshaya phansi isicebi esinayo. Nomfo olandelayo akhuphuke, o, akungabazeki, kodwa emenyelwe esidlweni sakusihlwa, nokuhlonipheka okukhulu kangaka kumngane wakhe, waze wawasha izingubo zakhe futhi, o, enze okuningi kangaka ukuba azilungiselele, kodwa kuphela ukwenzelele ize.

<sup>46</sup> Ngakho kunjalo, thina, akukho esingakwenza ngakho. UNkulunkulu usilungiselele insindiso yethu ngoJesu Kristu. Futhi akuyi ngokuthi singenzani, noma zingaki izinto ezinhle esingazenza. Okungukuthi, kulungile, akukho okungashiwo okumelene nakho. “Kodwa kungomusa enisindiswa ngawo, ngokukholwa.”

<sup>47</sup> Kwase kuthi-ke lomuntu ompofu ethola uhlobo olufanayo lwengubo eshaya phansi isicebi esasinayo nomunye umuntu ayenayo. Bese-ke, uma behlezi etafuleni, bonke bebukeka befana.

<sup>48</sup> Manje, kwenzekani kulomuntu, kwenzekani na? “Wathula,” ngoba wayengene ngokukhwela ngewindi, noma wangena ngomnyango oseceleni, noma ungena ngenye indlela ngaphandle kwendlela alungiselwe yona. Futhi wayegeje ingubo eshaya phansi.

<sup>49</sup> Yileyondlela okuyoba ngayo ngoSuku lokwaHlulela. Zikhona ezinye izindlela. Kukhona izindlela zebandla. Kukhona izindlela zezivumokholo. Kukhona izindlela ze—zezinto ezehlukene. Kodwa uJesu wathi, “NgiyileyoNdlela.” UJohane oNgcwele 10, Wathi, “Ngingumnyango esibayeni sezimvu.” Nabantu, namhlanje, njengoba babenjalo nje ngaleyonkathi, bayala nje ukuthatha leyondlela. Bafuna indlela okungeyabo. Bacabanga ukuthi inhle nje nayo.

<sup>50</sup> Lapha esikhathini esithize esedlule, ngikholwa ukuthi kwakuseLouisville, kwakukhona insizwa. Futhi yathola into ethize engalungile kwenye yezindlebe zayo. Awu, yaya kudokotela wayo, nodokotela wayo wayilindela amaviki amaningana. Futhi kwakhula kubakubi kakhulu. Ekugcineni, udokotela wathi, “Kufanele ngikuthumele kudokotela oyisipesheli.”

<sup>51</sup> Futhi ngesikhathi udokotela oyisipesheli esixilonga isifo, kwakuyigama elithize elikhulu lezokwelapha. Engingathi, angikholwa, ukuba bengilazi, uma bengingalisho, bengingadingeka ukuthi ngilibhale, futhi ngilipraktize ihora, ukulipela. Futhi ubungeke wazi ukuthi ngitheni ngenkathi

ngilipela noma ngilisho, ngoba bengingeke ngazi ukuthi beliyini, okokuqala nje. Kodwa kukhona okwakungalungile endlebeni yayo, okwakuzothatha impilo yayo. Futhi wathi, “Isifo sesiqhubeke kakhulu. Futhi angazi-muntu ongasixilongisisa isifo, ukubona ukuthi kuyiqiniso ngempela yini noma qha, kodwa umuntu othize owakhe eSt. Louis, udokotela.”

<sup>52</sup> Umfana waphuthuma masinya eSt. Louis. Lodokotela wayesathatha umhlalaphansi futhi waya eNew Orleans. WayenguMningizimu, ngakho wabuyela ezansi eNew Orleans. Umfana wathatha ibhanoyi, masinya, futhi waphuthuma eNew Orleans. Udokotela omdala wasibuka, wathi, “Basixilonge kahle, ndodana, futhi sesiqhubeke kakhulu.”

<sup>53</sup> Nomfo omncane wathi, “Dokotela, ungangihlinza na?”

<sup>54</sup> Wathi, “Qhabo, ndodana. Ngeke ngakwenza. Isandla sami asisaqinile ngokwenele.” Wathi, “Manje, angazi kodwa umuntu oyedwa, emhlabeni wonke, ongakwenza lokhu ukuhlinza.” Wathi, “Lowomuntu useDolobheni laseNew York manje, uhamba ngomkhumbi eholidini lezinyanga eziyisithupha eYurophu. Futhi angisho nokuthi ungamfica yini; futhi ngisho noma ungamfica, noma mhlampe uyokwenza yini ukuthi ahlinze. Nguyena muntu kuphela engazi ngaye, ngalesisifo esingejwayelekile, ongenza lokhu ukuhlinza. Futhi ungeke ulinde. Uzobe usufile phakathi kwezinyanga eziyisithupha.”

<sup>55</sup> Yathi, “Shona ocingweni. Umshaye. Yenza okuthize. Angifuni ukufa. Mthole, ngandlela-thize.” Futhi ekugcineni bamthola udokotela owavuma ukwenza ukuhlinza.

<sup>56</sup> Manje, ngenkathi lensizwa ikhuluma nodokotela omdala, futhi wayitshela ukuthi yayiyini eyayiyiphethe, futhi wayemunye kuphela umuntu owayengakwenza ukuhlinza. Ayimbukanga udokotela omdala, njengabanye abantu ababuka umfundisi uma emtshela ukuthi uJesu yiyona-ndlela kuphela angasindiswa ngayo. Ayimbukanga udokotela, ithi, “Inkulumo emnandi, dokotela. Impela ngikujabulele ukukhuluma kwakho. Ngizobuya ngizokuzwa, kwenye inkathi yonyaka.”

<sup>57</sup> Manje, yileyondlela abantu abathatha ngayo ubuKristu. Kodwa ukuba kuphela benazi ukuthi kungukufa ukwenqaba leyoNdlela. Yingalesosizathu uPetru athi, “Besingaya kubani na? Ngokuba Wena wedwa unokuPhila okuPhakade. NguWe kuphela, noyiNdlela kuphela uNkulunkulu ayendlalile, futhi lokho ngukuPhila okuPhakade.”

<sup>58</sup> Manje, sifanele sikhumbule ukuthi UyiNdlela. Futhi uma ukuKristu, ungena kuKristu ngokuzalwa kuKristu. Manje asikho isidingo sokutshela abantu iNdlela, nokuthi iyini iNdlela, ngaphandle uma ubatshela ukuthi kungenwa kanjani kuYo. Manje, uyazalwa kuKristu. Uba yingxenye yaKhe. Uba yisidalwa esisha, noma okusha okudaliweyo, uma uzalwa eMbusweni kaNkulunkulu. Uba yingxenye kaKristu.



<sup>59</sup> Ngenkathi ngizalwa emndenini wakwaBranham, ngiba nguBranham ngokuzalwa. Yileyondlela oba ngayo yingxenye kaKristu. Futhi ngendlela ongena ngayo eNdleleni, ngokuZalwa okusha. Kunjalo. Ungena kanjalo-ke eNdleleni. NoJesu wathi, “NgiyiNdlela.” Besingahlala isikhathi eside kulokho.

<sup>60</sup> Kodwa into elandelayo Ayiyo, UyiQiniso. Akukho-lutho kumbe-muntu omunye oneQiniso ngaphandle kwaKhe.

<sup>61</sup> O, ngiyazi sinosonkolo, namhlanje, abahamba bethi, “Awu, manje, siyiQiniso. SineQiniso.” Siya ebandleni elilodwa, bathi, “SineQiniso.” Uye kwelinye ibandla, bathi, “Izivumokholo zethu, sineQiniso.” Siya kwelinye, “Sinekhathekizima lasendulo. SineQiniso.”

<sup>62</sup> UJesu wathi WayeyiQiniso, ngakho ungeke ube neQiniso uze ube noJesu. UMthola kanjani na? Ngokuzalwa ngokusha. Kodwa ungeke ube neQiniso uze ube noJesu.

<sup>63</sup> Ungeke ube seNdleleni uze ube kuJesu. Ungena kanjani kuYe na? “NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe-Mzimba munye.” Khona-ke ukuJesu. Khona-ke useNdleleni. Khona-ke useQinisweni. UJesu wathi, “NgiyiNdlela, iQiniso.”

<sup>64</sup> Nenye into, into yesithathu, uJesu, size kuYe, Uyikhona kuKhanya kuphela okukhona. Kunjalo. O, sifuna ukwehluka kulokho, kodwa kuyiqiniso. UJesu uyikhona kuKhanya kuphela okukhona.

Wena uthi, “NgingokaRussell, okaCampbell.”

<sup>65</sup> Noma ungaba yini, kungukukhanya kwamanga. Ungaba sebandleni likaRussell. Ungaba sebandleni likaCampbell, noma elinye ibandla loku “khanya”. Kodwa uze ungene kuJesu, awukho ekuKhanyeni. Usesebumnyameni. Awunakho ukuKhanya uze uze kuYe. Ngokuba UyiNdlela, iQiniso, nokuKhanya, nokuyiyona ndlela kuphela eya kuNkulunkulu. “Akekho ongeza kuBaba ngaphandle kwaMi.” Ngakho, ungeke waya kuNkulunkulu, ungeke waya eZulwini.

<sup>66</sup> Ufanele ungene eNdleleni, noJesu uyileyoNdlela. Uyilona Qiniso kuphela elikhona. Futhi Uyikhona kuKhanya kuphela, ukuKhanya kweqiniso kuphela. Okuyiqiniso kuphela, ukuKhanya okubonakalisiweyo nguJesu Kristu. Sinokukhanya kukaMormon. Sinokukhanya kweMethodisti. Sinokukhanya kweBaptisti. Sinokukhanya kwePentecostal. Sinazo zonke izinhlobo zezinkanyiso, kodwa uJesu ungukuKhanya kweqiniso. NguYe kuphela ukuKhanya.

<sup>67</sup> Singabantwana. Uma sizelwe ngokusha, singabantwana beMini.

<sup>68</sup> Abantwana bezwe bahamba ebumnyameni. Bahamba ngesikhathi sasebusuku. Bayabuthanda ubumnyama. IBhayibheli lasho, ukuthi, “Abesilisa bathanda, abantu

bathanda ubumnyama ukwedlula kunoma benza ekukhanyeni, ngoba ukukhanya kuyobonakalisa imisebenzi yabo.”

<sup>69</sup> Ake kuphume ilanga, futhi zonke izibankwa ezindala, zonke izilwanyakazana ezindala, izinambuzane zombuso omnyama, sinwabuzela ebusuku, ziyongena phansi kwento ethize. Leyo yindlela efanayo uma ukuKhanya kweVangeli kuqala ukukhanya, yonke imisebenzi emibi iyoza ukunwabuzela phansi kwento ethize. “O,” bathi, “sino—sinokukhanya, ngoba si—siphila esikhathini sasebusuku.” Uma uhamba ekukhanyeni ngesikhathi sasebusuku, uhamba phansi kokukhanya kokwenziwa. Kunye kuphela ukukhanya kwemini kweqiniso. Lokho ngukukhanya kwelanga.

<sup>70</sup> Kunye kuphela ukuKhanya kwamaKristu, futhi lokho ngukuKhanya kweNdodana kaNkulunkulu. Iyikhona kuKhanya kweqiniso kuphela. Yebo.

KuYo ngukuPhila, lokho, impela njengoba ukukhanya kwelanga kuveza ukukhanya.

<sup>71</sup> Yonke impilo yezithombo iphuma nokukhanya kwelanga. Ngonyaka odlule kwakunjalo, nokuthi ubusika buba kanjani yiqeqeba lamakhaza nakho konke. Kodwa kuthi masinyane lapho ilanga liqala ukugcwala phezu komhlaba, kwenzekani na? Kuvela ukuphila okusha, okusha.

<sup>72</sup> Ngangikhuluma nendoda, uMnu. Woods emuva lapho. Sasisenzansi eKentucky. Ngahlangana nendoda futhi yayifanele ukuba ngumphikinkolo. Ngezwa ukuthi yavele yedlula nje. Futhi yena, uMnu. Woods, wenyuka wacela ukuthi sasingazingela yini izingweje endaweni yayo. Yathi, “Impela, ningazingela izingweje, Banks. Hambani nje niqhubeke.”

Wathi, “Ngize nomelusi wami.”

<sup>73</sup> Yathi, “Awuqonde khona ukusho ukuthi usuzehlise kangako, Woods, uze uhambe nomshumayeli ngasonke isikhathi?” Futhi yathi. . .

<sup>74</sup> Ngaphuma emotweni ngase ngiya lapho. Futhi kwakukhona isihlahla sama apula, yena nomunye umnumzane omdala ohloniphekile ayehlezi phansi kwaso. Futhi ngakho ngacosha iapula ngase ngiqala ukulidla. Futhi wayekhuluma nami. Ngase ngi intro. . . UMfowethu Woods wamethula. Lapho. . . Wathi, “Ngikwethulela umelusi wami.”

<sup>75</sup> Ngase ngithi, “Sawubona, mnumzane?” Futhi sakhuluma kancanyana, futhi uqala ukukhuluma ngokuthi, awu, ukuthi wayengakaze alubhade esontweni, futhi wayengazi ukuthi ngabe ikhona into asilele kuyo.

Ngathi, “O, yebo, unayo.” Ngamyeka wathi ukukhuluma isikhashanyana.

<sup>76</sup> Futhi emva kwesikhashana, wathi, “Uyazi kwakukhona umshumayeli owafika lapha eCampbellsville, noma eActon,

idolobha elincane, enhla lapha ezinkundleni zamathende eMethodisti.” Futhi wathi, “Lowomshumayeli wayengakaze abe kulelizwe ngaphambili. Futhi ngobunye ubusuku esephezulu lapho eshumayela, emhlanganweni wobusuku obuthathu, wabuka ngemuva phansi esixukwini, futhi wabona owesifazane ehlezi lapho, futhi wamtshela ukuthi wayekhulekela udadewabo owayehlala phezulu lapha egqumeni, ebulawa ngumdlavuzwa. Uthi, ‘Uneduku esikhwameni sakho semali. Futhi wathi, ‘Thatha leloduku ulibeke phezu kowesifazane, futhi uzophiliswa.’”

<sup>77</sup> Wathi, “Ngalokho kusa, unkosikazi nami sasiphezulu lapho.” Wayesethi, “Saphendula lowo wesifazane osemdala eshidini. Kwase kuyiminyaka emibili engaphumi embhedeni, noma ngaphezulu. Umdlavuzwa wesisu. Ayengahlali ngisho amanzi esiswini sakhe.”

<sup>78</sup> Wayesethi, “Udade wasukuma emhlanganweni, futhi wasuka wahamba ngalobobusuku, wayesekhuphuka wafike wabeka iduku phezu kowesifazane.” Wayesethi, “Ngakusasa ekuseni, wayepheka amaqanda, nobhekani, futhi enza ukudla kwasekuseni, futhi edla.”

<sup>79</sup> Wayesethi, “Kade ephezulu lapho. Lokhu sekuyiminyaka emithathu noma emine edlule, futhi,” wathi, “usaphilile.”

<sup>80</sup> Wathi, “Manje, uma engake afike kulelizwe futhi, ngizomuzwa.” Wathi, “Ngoba, waveza into ethize eyakwenza kubukeke njengento ethe ukuba nkulu kunesixheke samazwi nje okufundwa. Kwethula into ethize eyayingephilayo futhi iphila. Wayazi kanjani ukuthi wayehlala phezulu lapho egqumeni na?”

<sup>81</sup> Ngabuka ngale kuMfowethu Woods nganikina ikhanda lami. Futhi ngangimi lapho, ngigcwele udaka, negazi lezingwejeje, nakho konke, ngenxa yokuzingela. Wayengenawo nakancane umqondo wokuthi kwakuyimi ngiphezulu lapho ngishumayela. Ngakho wa—wama lapho kancanyana, noma wahlala lapho, ngiqonde ukusho njalo.

<sup>82</sup> Ngase ngithi, “Mnumzane, usho ukuthi, uma ubungabona into eyayibukeka inguNkulunkulu, uNkulunkulu wenza into engaphezu kwemvelo na?”

<sup>83</sup> “O, yebo,” wathi, “lokho bekungangenza ngikholwe.” Ngathi, “Yebo, mnumzane.” Ngathi, “Sidala kangakanani lesisihlahla sama apula na?”

<sup>84</sup> Wathi, “Iminyaka engamashumi amathathu nento. Ngasitshala lapho, ngonyaka othize thize.”

Ngathi, “Njalo ngonyaka kufika, kukhuphuka ama apula?”

“Yebo.”

<sup>85</sup> Ngathi, “Lokhu nje kuphakathi noAgasti. Asikaze sibenakho nokukodwa ukuba neqeqeba lamakhaza noma esisodwa isibikezelo samakhaza.” Ngathi, “Asikaze sibe naso isimo sezulu, nhlobo, kuphela yihlobo elishisayo. Futhi ngitshela

ukuthi kungani, kwenzeka kanjani, ukuba lawomaqabunga awohloke kulesosihlahla na?”

Wathi, “Amanzi esihlahla abuyele emhlabathini.”

<sup>86</sup> Ngathi, “Ukuba awabuyelanga emuva, ngakho-ke lesosihlahla besizofa ngesikhathi sasebusika na?”

<sup>87</sup> “Kunjalo. Amanzi esihlahla ahlala phezulu esihlahleni, asibulale. Afanele ehlele ezimpandeni futhi acashe.”

<sup>88</sup> Ngathi, “Awungitshela ukuthi yini eyenza lawomanzi esihlahla, lapha phakathi nehlobo, buhlakani buni obuwathumela phansi ezimpandeni, ukuba ahlale ubusika bonke, ukuba abuye ngentwasahlobo ezayo, ukuba akulethele okunye ukudla kwama apula. Ngizokutshela, nguMoya ofanayo owangitshela ukuba ngihambe ngiyotshela lowo wesifazane ukuba ahambe ayobeka leloduku phezulu kwakhe. NguNkulunkulu ofanayo.”

Wathi, “Awusuye lowomshumayeli?”

<sup>89</sup> Ngathi, “Yebo, mnumzane, nginguye.” Ngathi, “Uyabo, ubheka into ethize emhlanganweni, kodwa uNkulunkulu ukhona lapha ukuzungezile, ndawo zonke. Ngeke nje uhlale ungaLiboni. Qaphela imvelo.”

<sup>90</sup> Manje, abanye abantu bangahle bale ukuhamba ekukhanyeni kwelanga. Ukuba-ke bekungabakhona umuntu onjalo na? Obezothi, “O, ilanga alikhanyi. Qhabo, mnumzane. Angikukholwa.” Bese egijimela endlini yakhe engaphansi. Athi, “Ngiphuma kuphela uma sekumnyama. Uma ngiphuma...” Uyalwala usizo lwelanga. Awu, uma ekwenza, lokho—lokho nje kungubuthutha bakhe uqobo. Yilokho kuphela. Ilanga liyakhanya. Umuntu eze efasiteleni bese empongoloza, “Phuma, John. Ilanga liyakhanya.”

<sup>91</sup> “Ngiyala ukukholwa yilowombhedo. Ubuhlanya lobo.” Manje, ngempela ulahlekelwa ukufudumala kwelanga. Impela ulahlekelwa yimisebe elikunikezayo ukuphila. Impela ulahlekelwa wubuhle elibukhombisayo, nokuphila elikulethayo.

<sup>92</sup> Yileyondlela, owesilisa noma owesifazane ezama ukuya eZulwini ngesivumokholo, ezama ukuya eZulwini ngebandla, ngaphandle kukaJesu. Ungeke ukwenze. UyiNdlela, iQiniso, nokuKhanya.

<sup>93</sup> Njengoba impela is-u-n ilanga liveza yonke impilo yezitshalo, iS-o-n iNdodana iveza ukuKhanya okuPhakade. Futhi Yona yodwa inokuKhanya okuPhakade. Yingakho sifanele size kuYo. Sizokugeja ngebandla. Sizokugeja ngesivumokholo. Singeza kuphela kuYo futhi sifumane ukuKhanya okuPhakade. Yona yodwa. UPetru wathi, “NguWe kuphela onaKho. Yingalesosizathu silapha. Siza kuWe, ukuba sikweMukele.”

<sup>94</sup> Manje, bhекisisa uma lokho kukhanya kwelanga kuqala ukukhanya, ngani, akukho—akukho—mbewu esemhlabathini engeke iphile. Akukho engakwenza.

<sup>95</sup> Beka phansi indlela eseceleni komgwaqо emgwaqeni wakho, noma phansi endleleni yakho yezinyawo, uyifake ukhonkolo, uyenze ibe ngamafidi amane ububanzi. Bese udedela ilanga likhanye, notshani buyamila, ubutholaphi utshani bakho lapho obuningi kakhulu khona na? Khona impela onqenqemeni lwayo. Yini na? Yilezozimpande. Ungeke wafihla ukuphila elangeni. Lelolanga liyakhanya, lezozimpande ezincane zichusha lapho ziphume amayadi ayikhulu, uma kunesidingo, futhi ziyomila. Lobo wutshani obebuphansi kwendlela eseceleni komgwaqо. Yilobo obebungaphansi lapho, izinkanyiso ziyakhanya. Futhi uma ukukhanya kukhanya, ukuphila kubakhona.

<sup>96</sup> Futhi uma iNdodana kaNkulunkulu ikhanyisa phezu kwenhliziyo, ukuPhila okuPhakade kubakhona.

<sup>97</sup> “NgiyiNdlela, iQiniso, nokuKhanya.” Nazo izizathu ezintathu ezenza ukuba size.

<sup>98</sup> Esesine, yilesi, uJesu yisona kuphela isiSekelo esiphephile nesiqinile noma yini engakhelwa phezu kwaso. Kunjalo. Yisona siSekelo kuphela okungakhelwa phezu kwaso. Zonke ezinye izisekelo yizihlabathi ezibishayo.

Ngimi kuKristu iDwala eliqinile.

Yonke eminye imihlabathi yizihlabathi ezibishayo.

<sup>99</sup> Inqwaba yabantu yakha phezu kwengebo. Bazama ukusebenza, babone ukuthi yimali engakanani abangayenza. Bathi, “Uma ngingeke ngayisebenzisa, abantwana bami bangayisebenzisa, emva kwami.” Kwenzani na? Kuphinde kuholele ebugqilini. Uba yisigqila emalini yakho. Abantu abaningi abakwenzi mhlawumbe... Awudingi ukuba usozigidi ukuze ube yilokho. Ungayifisa nje imali, futhi unecala nje njengosozigidi. Niyabo? Banningi kanjalo nje osopeni, njengoba ekhona osozigidi, abayoba sesihogweni. Ngoba, yisimo sakho kuyo, lokho uNkulunkulu akuphe khona. Manje, uma uyakha phezu kwengebo, izowa.

<sup>100</sup> Manje-ke kukhona into enkulu leMelika ezama ukwakha phezu kwayo. Izama ukwakha phezu kwesisekelo sokuthandwa ngabantu. Amantombazane asemancane, abafana abasebancane, bayababuka, izingcweti zetelevishini, izingcweti zamabhayisikobho, bazama ukwenza njengazo, bagqoke njengazo, bazilingise. Kwenzani na? Kuholela empilweni ecelekele phansi yenzushunxushu. Yizinhlanga notshani obomile osebuzikiwe, okuyoshiswa ekwaHlulelweni.

<sup>101</sup> UJesu nguyena kuphela isiSekelo, okuyisona kuphela isiSekelo esiqinileyo. Yingalesosizathu sifanele size kuYe.

Akekho omunye umuntu onalesosiSekelo. Ingcebo ayinaSo. Ukuthandwa ngabantu akunaSo.

<sup>102</sup> Futhi, namhlanje, sinokuningi ukwakha isisekelo. O, sifuna...Nje si...Abantu baseMelika bangeke nje bangenzi lutho; ngeSonto bafanele ba—bafanele bakhe uthango; bafanele benze *lokhu*. Nenzani na? Niyaqonda uk'thini? Isisekelo senu sizosakazwa sibe yize, masinya nje. Lesosisekelo siyizihlabathi ezikhumuzekayo.

<sup>103</sup> Abaningi bethu, bakha phezu kwemfundo. Asikwazi ngisho ukuthola othisha ukuba baye esikoleni, sikhuluma ngakho. Manje, lokho kulungile. Isikole silungile, endaweni yaso, kodwa asisoze sathatha indawo kaKristu. Qhabo, mnumzane. Manje sine...Asikwazi ngisho ukuthola othisha. Amabhungu namatshitshi ethu anenduzula kabi, abantu baze bangazami ngisho ukuwafundisa. UOswald omncane no—no—noLes, nabobonke, bayojaha uthisha bamkhiphe endlini. Bayowuhlela umbhikisho. Bayoteleka. Bayovala isikole. Angibasoli, bengingeke ngaba nguthisha wesikole, nami, uma bengingekwazi ukuphuma kuso.

<sup>104</sup> Kodwa sikhuluma ngemfundo. Manje, lokho kulungile, imfundo. Asisifuni isigejane sokungakwazi ukufunda, kodwa sifuna imfundo endaweni yakho. Kodwa inkathazo yayo ngukuthi, namhlanje, sizame ukufundisa ipulpiti lethu. Futhi ngenkathi sikwenza, sikhipe iNdlela. NoKristu uyilesoSisekelo naleyoNdlela. Ngenkathi sibeka imfundo...Imfundo ilungile.

<sup>105</sup> Kodwa, lalalani, izikhathi eziningi, imfundo iholela edemonini lemfundo. Nalodemoni lemfundo likuholela ekwazini konke. Futhi uma ufika lapho, khona-ke uba ngumphikinkolo, bese uphika uKristu. Ngakho ngeke wakha phezu kwesisekelo semfundo.

<sup>106</sup> Kanjalo singeke sakwakha phezu kwamandla ezombusazwe. Wena uthi, “Awu, he, nginesasasa kakhulu. Ngingowesekela iDemokrasi. NgingumRiphabhuliki. Ngiyi...” Omabili amaqembu kubolile.

<sup>107</sup> Sinye kuphela isiSekelo. Yakha phezu kukaKristu. Lesisizwe asidingi ukwakha phezu kwanoma yisiphi esinye isisekelo kodwa uJesu Kristu. Kunjalo. Asikho esinye isisekelo esibekiwe; asikho esinye isisekelo esikhona, ongaya ngaso eZulwini. Asikho esinye isisekelo esiqinile, kodwa isiSekelo sikaJesu Kristu.

<sup>108</sup> Esikhathini esithize esedlula, eNew York, ngangihamba ngigibele nomngane wami, umfundisi. Futhi ngathi, “O, lelobhilidi elikhulu! O!” Ngathi, “Awubheke laphaya. Mhlampe liyizitezi ezingamashumi amahlanu, noma amashumi ayisithupha. O! Yindawo enkulukazi. Inhle kanjani pho!” Ngathi, “Awu, akukho-muntu phakathi lapho.”

Wathi, “Qhabo, futhi ngeke abakhona.”

109 Ngathi “Yini’indaba?” Unginika isilinganiso sokuthi lelobhilidi cishe libiza malini, ezigidini, ukwakha lelobhilidi.

“Awu,” ngathi, “yini engabanga bikho ongena kulo na?”

110 Wathi, “Lathi selicishe ukuphela impela nje, lonke ingaphandle selipholishiwe, nakho konke,” wathi, “bathola ukuthi isisekelo sasingalungile. Lalakhiwe phezu kohlobo lwetshe-nsipho, hhayi itshe langempela, ngakho-ke ibhilidi lafeyiliswa. Futhi ngakho lisebenza into eyodwa kuphela, elokuba usonkontileka akhwele ayofika esiqongweni salo bese egxumela phansi, ukuba azibulale.”

111 Akunandaba ukuthi ingaphandle libukeka lilihle kanjani, asikho esinye isisekelo esiqinileyo, kodwa isiSekelo sikaJesu Kristu. UyisiSekelo sangempela okungakhiwa phezu kwaso.

112 IMexico, idolobha elihle; ngangiphakathi lapha, eminyakeni ethi ayibe mibili eyedlula. Lapho khona encane, ingane eyayifile. . .

113 Ngicoshe indoda ezansi edolobheni esikhashaneni esedlule, idakwe ifile, ngiyikhuphula. Futhi yathi, “Ngike ngakubona ngesinye isikhathi uma, Mfundisi mhlonishwa, Dokotela, noma okuthize okunye.” UyiKatolika, washo Futhi wathi, “Uphilisa encane, intombazane efile ibuye iphila futhi. Mina,” wathi, “bengikuhlonipha njalo.”

Ngathi, “Uyamazi uJesu na?”

Yathi, “NgiyiKatolika.”

114 Ngathi, “Angizange ngikubuze ukuthi ubusonta kuliphi ibandla. Ngathi, ‘Ubumazi uJesu?’”

115 Futhi ngayixoxela ngendaba yalona wesifazane omncane oyiKatolika emi phandle lapho ngelesishiyagalolunye ekuseni, nengane efile ezingalweni zakhe, kwaze kwaba ngeleshumi ligamenxe ngalobobusuku. Liyidliwa imvula, nokuthi iNkosi yabuye yayiphilisa kanjani impilo yengane encane yaphila futhi. Angibadedelanga bakumemezele kwaze kwamenezelwa ngudokotela. Wathi, “Ingane yafa.” Wakumemezela, “ifile,” ngeleshiyagalolunye ngalokho kusa. Futhi lobu yilobu busuku ngeleshumi ligamenxe. Nengane encane iyaphila namhlanje, ngokwazi kwami.

116 Manje, kulelodalobha, liyidalobha elihle. Kodwa amabhilidi onke aseqala ukuqhiyama, ngoba babenesasasa kakhulu ukuthola isazi sosuku lwesimanje sokwakha izindlu, ukwenza ibhilidi libukeke kahle futhi lipholisheke. Okungukuthi, ngiyangabaza ukuthi ikhona indawo ezweni engalehlula, ngobuhle. Kodwa behluleka ukuba bajule ngokwenele ukuba bayofika edwaleni.

117 Yileyondaba nangamabandla ethu namhlanje, mngane. Yileyondaba ngeBaptisti, iMethodisti, iPresbyterian, iPentecostal, amaNazaretha. Sifanele simbe, njengabantu

ngamunye, futhi singethembeli emabandleni ethu. Sifanele simbe, thina uqobo, size siyoshaya leloDwala uJesu athi. “Phezu kwaleliDwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese awayikuLahlula.” NguYe kuphela isiSekelo esiqinisileyo, qiniso.

<sup>118</sup> Manje-ke, enye into, engeyesihlanu, ngizokusho lokhu. NguYe kuphela impumelelo nenjabulo elondekile nokuthula. Yingalesosizathu siza kuYe. O, ngiyazi ningahleka njengesilima, noma ningaphuma lapha futhi nihleke nize nikhale isipoliyane, ngehlaya eliqhunywisa ngenye ingcweti yamabhayisikobho, noma okuthize. Noma umuntu othize, ungahle uthole okuningi kakhudlwana ongakuphuza, futhi uhleke sengathi ubuyisiphukuphuku esithize, kodwa lokho akukulethi ukuthula. Akukho okunye ukuthula, futhi ayikho enye injabulo, njengokuza kuJesu Kristu.

<sup>119</sup> Ngibabonile abantu bebenzisa. Ngibabonile abesifazane abasha bezama ukuzibrasha macala onke ngamakhava ababewagqokile, futhi benze sengathi babejabule. Abanjalo. Babasa kuphela umlilo opendiwe. Ungeke wafudumala ngomlilo opendiwe.

<sup>120</sup> Nizibonile izinsizwa ezizama ukucabanga ukuthi izinkonyane zayo zazizinkulu ngangokuthi wawungabethela isipikili sishone futhi yona ungayithinti neze, nomnese wawugobe ubukhali bawo kuyo. Inike iminyaka embalwa nje, futhi isijike yaguga futhi yaba nemibimbi. Ayikho injabulo yaPhakade ngaphandle kukaKristu.

<sup>121</sup> Bukani lapha. Ngizobeka...Noma yimuphi kini lapha, kulobubusuku, ophile saka, umndeni wakho uphile saka, macala onke kuwe. Uthini ngomama ongekho lapha na? Wazi kanjani ukuthi uyihlo akafi manje na? Wazi kanjani ukuthi omunye wabantwana bakho akabulawanga, emizuzwini embalwa edlule, ongekho lapha na? Wazi kanjani ukuthi ayikho enye into eyenzekile na? Wazi kanjani ukuthi uzophuma kulendlu kulobubusuku na? Ungahle ushayeke phansi ngokuhlaselwa yinhliziyu. Awazi. Ngakho ayikho injabulo yaPhakade ngaphandle kukaKristu. Yingalesosizathu sifanele size kuYe.

<sup>122</sup> Ungaba newiski. Ungaba nokuzijabulisa. Ubungaba nezinto zezwe. Kodwa azisiyo injabulo enempumelelo. Akukho okunganikeza ukuthula njengaYe. Unikeza ukuthula.

“O,” wena uthi, “Nginokuthula.”

<sup>123</sup> Uma wake wabanakho ukuthula kwangempela, unoJesu. Uma ungenaye uJesu; awazi ngisho ukuthi ukuthula kusho ukuthini uze uze kuYe.

<sup>124</sup> Ngibabonile abantu, amakhosi, amakhosi anamandla, amadoda adumileyo, abasubathi, izingcweti zamabhayisikobho, nakho konke okwalokho. Abasibo abanokuthula. Awubabheke.



Bhekisisa amehlo abo imizuzu embalwa. Baguliswa yimizwa. Niyabo?

<sup>125</sup> Akukho-silisa, akukho-sifazane, akukho-mntwana, akekho noyedwa ongaba nokuthula ngaphandle kukaJesu Kristu. “Ukuthula kwaMi Nginipha khona. Akunjengezwe, Nginipha khona.” Niyabo? Akunjengoba nipiwa yizwe ukuthula, kodwa Unokuthula kwaPhakade, ukuthola kokuphumula. Uma niphila, uma nifa, uma akunandaba noma imvula ina noma ilanga likhanya, unokuthula, noma kanjani.

<sup>126</sup> Ngiyayithanda inamba endala kaMfowethu Shakarian ayiculayo, umfo omdala omkhulu, oqatha, ucula ethi, “Nginokuthula okunjengomfula, nginokuthula okunjengomfula.” O, kunjalo. Uma unokuthula, unoKristu. UKristu ungukuthula kwakho. Ngakho yingakho sifanele size kuKristu, ukuba sifumane ukuthula.

<sup>127</sup> Manje, enye futhi into engifuna ukuyisho, eyinto yesithupha. Yena, noma i . . . Yebo. Into yesithupha, Uyiyona-mpumelelo eyinzuzo kuphela ehlala isikhathi eside. Ngitshela noma yini ongayithola, obungaphumelela kuyo, obekungaba-Phakade, ngaphandle kukaJesu Kristu.

<sup>128</sup> Wakhe ikhaya elihle. Uthole amadola ayisigidi. Ube ngowesifazane othandwa ngabantu ukwedlula bonke ezweni. Indoda eqine ukwedlula onke ake ahamba emigwaqeni. Ube yirekhode lomhlaba, isilwi esikhokhelwayo, noma yini ofuna ukuba yiyo. Ubone ukuthi awugwedli yini, futhi u ube buthakathaka kakhulu, futhi ufe. Kunjalo. Kuthatha kuphela amalanga amabili aphezulu ukukwenza.

<sup>129</sup> Ngakho, impumelelo yaPhakade kuphela ekhona, inguJesu Kristu. Lapho, uma Engokukhulu kakhulu nokungcono kunakho konke ebesingaphumelela kukho, asi—asikwenze lokho kube yimpumelelo yethu-ke. Asiqiniseke ukuthi siyaMthola. Ungaba umshumayeli, ungaba ngumelusi, ungaba ngumdikoni, ungaba yilunga lebandla; kodwa uma ungakabi nakho empumelelweni yakho . . . Ungahle uphumelele ekutheni uthi, “Ngeke ngiyeke ngize ngibe ngumshumayeli. Ngeke ngiyeke ngize ngibe umdikoni. Ngeke ngiyeke ngize ngibe yilunga lebandla.” Lezozinto zilungile, zihloniphekile. Kodwa, lalela lapha, mfowethu, ungayeki ungakamtholi uJesu Kristu, kungenjalo awunayo impumelelo yaPhakade. Ngoba, umelusi wakho, yebo, umsebenzi wakho womelusi, masinya uzofiphala. Umsebenzi wakho njengomdikoni uzomuka masinya. Ubulunga bakho bebandla buyophuma kudala ezingqondweni zabantu, isikhashana nje esizayo. Kodwa uma uphumelele ngokuzusa uJesu Kristu, khona-ke unokuPhila okuPhakade, futhi ungeke uze ufe.

<sup>130</sup> Manje, okokugcina, ngifuna ukusho lokhu. Nasi esinye isizathu sokuba sifanele size kuJesu. Nguye Yedwa onokuguqula.

Ngijabula kakhulu ngalokho. O, lokho kungenza ngizizwe ngigcwala ukholo. Okunguye Yedwa Ongaguqula. Yebo, mnumzane.

<sup>131</sup> Ngizonitshela ukuthini. Yehla uye esitolo ekuseni, noma ekuseni ngoMsombuluko, kusasa kuyiSonto. Wehlele ekhemisi bese uthenga umuthi ozokwenza ubengcwele ngangokuthi uyokuguqula ungene eNkazimulweni. Udedele—udedele udokotela akuhlinze, lokho kube kuzokunika inguquko usuka ethuneni uyongena eNkazimulweni. Uhlakanipha kakhulu futhi ufundiswe kakhulu ngangokuthi uyokwazi ukuthi kwakhiwa kanjani njengomunye umbhoshongo waseBabele; uyophela ngendlela efanayo. Thola. Uzame ukuhamba ngeny'indlela, futhi uthole.

<sup>132</sup> Yilabo kuphela abakuKristu uNkulunkulu ayobaletha kanye naYe. Ukuguqulwa kuphela okungenziwa ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni kungoJesu Kristu. Nguye kuphela inguquko, indlela kuphela yokuguqulwa. Ungeke uyithenge. Ungeke. Ungeke wayisebenzela. Ufanele uyemukele. Iyisiphlo kuwe. Ukuguqula kukaNkulunkulu, ukuba kukuthathe.

<sup>133</sup> Yehla lapha ufike uthenge umuthi ozokujika, usuke ekubeni yikhehla noma isalukazi, ubuyele ekubeni yinsizwa nentombi. Thola ukuthi ungawuthenga yini. Awusoze. Awusoze wabakhona, endaweni yezemithi. Awusoze wabakhona kunoma yiyiphi indawo ngaphandle kukaJesu Kristu.

<sup>134</sup> Kodwa Washo lokhu, “Odlu inyama yaMi aphuze iGazi laMi onokuPhila okungunaphakade, futhi Ngiyakumvusa ngemihla yokuphela, ngimguqule, ngimthathe ngimfake eNkazimulweni.” “Uma lomzimba wasemhlabeni udilizwa, lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, sinalo elilodwa elilindle.” Ukuguqulwa, ukushintshanisa izindlu, usuke endaweni uye endaweni. NguYe kuphela onokuPhila okuPhakade. NguYe kuphela onenjabulo.

<sup>135</sup> Ngingakusho lokhu, futhi na? Nguye kuphela...KuYe yiyona-ndawo kuphela ongaya kuyo, lapho ongaMbona khona. Indawo kuphela oyoze ukwazi ukuMqonda kuyo, kungalenkathi ungena kuYe. Ufanele uze ungene kuYe, ukuze ukuqonde. Uma kungenjalo, uyovele nje—uyovele nje uzulazule futhi uhambe ungqubuzeka ngekhandu. Uyoqagela. Futhi uyo... Kuyoba yindida kuwe. Awusoze ukuqonde.

<sup>136</sup> Yingalesosizathu lawomaJuda, ngezinsuku zawo, athi, “Ngani, lomfo unguBelzebule. Lomfo uyi *lokhu, lokho*, no *kunye*.” Abezanga neze kuYe. Abazange neze baMemukele njengeNdlalela. Abazange neze baMemukele njengeQiniso, njengokuKhanya, njengesiSekelo, njengowokuQala, njengowokuGcina, njengoAlfa, uOmega, zonke lezo ezinye izinto Ayizo. Uyikho Konke-kukho-Konke. Yingalesosizathu bengazange baMqonde ngenkathi beMbona.

137 Nakho kukhuphuka uFiliphu, owaya ngale wafica uNathanayeli, wakhuphula uNathanayeli. NoNathanayeli, uJesu... waya ebukhoneni buka—bukaJesu. Lapho uNathanayeli efika eBukhoneni bukaJesu, ngiqonde ukusho njalo, uJesu wambheka wayesethi, “Bheka umIsrayeli okungekho-nkohliso kuye.”

Wathi, “Rabi, Wake wangazelaphi na?”

138 Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona.” Ira-...

139 Abashumayeli bemi bezungeze lapho, abapristi, bathi, “LoMuntu unguBelzebule. UnoDeveli kuYe. Ungumbhuli.”

140 UJesu wathi, “Nisho lokho ngokumelana naMi, Ngizonithethelela. Kodwa ngolunye usuku uMoya oNgcwele uyeza, ukuzokwenza into efanayo, futhi izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa, kulelizwe noma ezweni elizayo.”

141 “Ningakwenza kanjani,” Wathi, “ningaNgilahla kanjani, libe izwi lenu uqobo lisho ukuthi ni ‘ngonkulunkulu’? Futhi uma babebizwa ‘ngonkulunkulu,’ eleza kubo iZwi likaNkulunkulu, ningaNgilahla kanjani uma Ngithi NgiyiNdodana kaNkulunkulu na?”

142 “Uma benimazi uBaba waMi, beniyakuNgazi, nami.” Kunjalo. Wathi, “Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdoni.” Akekho oyoqonda uNkulunkulu, ngaphandle kukaKristu, yemukela uKristu. Ungeke wakuqonda ukuphilisa ngokukaNkulunkulu.

143 Ngani, omunye uthi, “UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade.” Umelusi omncane lapha angahle akushumaye.

144 Abanye benu ningahle nizenwaye ikhanda lenu nithi, “A, angikukholwa lokho.” Niyabo? Awusiwo umbandela ukuze ukukholwe. Kwemukele nje, ngokukholwa, khona-ke uzokubona.

145 UJesu wathi, “Kuseyisikhashana, izwe lingabe lisaNgibona, okungukuthi, isimo sezwe ngeke sisaNgibona. Nokho, niyoNgibona nina; nina, ikholwa, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe. Imisebenzi eNgiyenzayo mina nani niyakuyenza. Ngisho neminingi kunalo niyakuyenza, ngokuba Ngiya kuBaba waMi. Ngizomuka, bese Ngibuya futhi ngibe nani.”

146 UNikodemu wabuza umbuzo. “Ngingazalwa kanjani ngokusha. Ngiyindoda endala. Ngingene esizalweni sikamama ngokwesibili na?”

147 Wathi, “Uma umuntu engazalwa ngokusha, angewubone uMbuso kaNkulunkulu.” Manje, lokho kuhunyushwa empeleni nguku “qonda,” aqonde uMbuso kaNkulunkulu. UMbuso kaNkulunkulu uphakathi kuwe, ngakho ubungeke ngempela uWubone, ngaphandle uma uWubona usebenza. Kodwa indlela

kuphela oyoze ukwazi ukuWuqonda ngayo, ufanele uzalwe ngokusha. Ukuzalwa ngokusha, usuke ugcwaliswe ngoMoya kaNkulunkulu, khona-ke ukuKristu. Futhi uma ukuKristu, uMoya oNgewele owaloba iBhayibheli, elabonakalisa uKristu, ukuwe, ukuqonda ubuYena uQobo. Amen. Yingakho ufanele uze kuYe.

<sup>148</sup> Yileyo indaba ngeMelika namhlanje. Lemihlangano ishanele izwe, kusukela empumalanga, entshonalanga, enyakatho, naseningizimu. Yingalesosizathu ibhomu le atomu, litshalwe ngale ngenxa yalesisizwe. Yingalesosizathu imbubhiso isiseduzane. Yingoba imisebenzi kaNkulunkulu isibonakalisiwe, nabantu basuka bahambe bengaWemukelanga, ngoba abaMfuni. Banamahloni ngaYe. O, abanamahloni ngebandla labo. Abanamahloni ngenkolo yabo. Kodwa banamahloni ngoJesu Kristu.

<sup>149</sup> Ngenkathi abaphostoli beshiya ibandla labo, futhi bemukela umbhaphathizo kaMoya oNgewele ePentekoste, wabenza bayendezela njengamadoda adakiweyo, bekhuluma ngezinye izilimi, futhi beqhubeka, futhi beqhubekela phambili, futhi bephilisa abagulayo, njalonjalo. Futhi babebizwa ngesigejane sa—sa—sabangafundile, abantu abangazi lutho. IBhayibheli lathi, “Babengabantu abangafundile bayimifunda nje. Kodwa babazi ukuthi kade benoJesu,” ngoba benza ngendlela efanayo naYenza. Babazi ukuthi ukuphila kwaKhe kwakukubo, ngoba babenza imisebenzi Ayenzayo.

<sup>150</sup> UJesu wathi, kuJohane oNgewele 14:7, “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” Nakho laphe okhona. Yingakho sifanele size kuKristu namhlanje.

<sup>151</sup> Ngikholwa ukuthi uKristu uyeza masinya. Ngikholwa ukuthi sesisekupheleni komgwaqo. Ngikholwa ukuthi izizwe ziyahlukana. Ngikholwa ukuthi isikhathi sokugcina sesiseduze. Ngiyazi ukuthi sinjalo. Ngokusobala, ngazi ngokoqobo ukuthi sinjalo. Ngiziqhubeka, ngithi, “Ngiyakholwa ukuthi ngiyasazi.” Sesisekupheleni komgwaqo. Nje ukuthi yizinsuku ezingaki, yiminyaka emingaki, noma amaviki, angazi. Akukho-muntu owaziyo. Akazi ngisho noJesu; Wathi, “NguNkulunkulu owazi lokho, kuphela.” Angazi ukuthi kuyoba nini, ukuthi kuyoba ngaliphi ihora. Kodwa ngiyazi ukuthi kumasinya, ngokuba lezi yizinto efanele yenzeke ngaphambi nje kokuFika kwaKhe.

<sup>152</sup> Ake ngikuncenge, kulobubusuku, mngane wami ongaphandle kukaKristu. Uma ufuna isiSekelo esiqinile, iNdlela, iQiniso, nokuKhanya, yemukela uJesu Kristu njengoMsindisi wakho oqondene nawe futhi ugcwaliswe ngoMoya waKhe. Bese-ke uma uMoya waKhe usunyakaza, uzowazi uMoya waKhe.

Kwakuyileyondaba-ke ngabo ngaleyonkathi. BabeMbonile.

153 Owesifazane emthonjeni, wayazi kakhulu ngoNkulunkulu kunoma kwakwazi uhhafu wabashumayeli, bangalolosuku. Ngani, kwathi angaMbona nje, u. . . Wayebukeka efana neJuda elejwayelekile, umuntu ojwayelekile nje. Futhi Wathi kuye, “Sifazane, Ngiphuzise.”

154 Wathi, “Ngani, akusilo isiko ukuba Nina maJuda nicele amaSamariya into enjalo.”

155 Wathi, “Kodwa ukuba bewazi ukuthi ubukhuluma noBani, ubuyocela kiMi amanzi. Ngiyokunika Amanzi ungezi lapha uzowakha.”

156 Waqhubeka ekhuluma naYe waze wehlukana ngokubona okufihlakeleyo kuye, wambamba, ukuthi yini eyayingalungile kuye. Sonke siyazi ukuthi yini eyayingalungile. Thina bantu baseMelika sikholwa ukuthi wayeyisiphingikazi. Wayekade enamadoda ayisihlanu, futhi ehlala neyesithupha.

Ngakho Wathi, “Hamba ulande indoda yakho, uze lapha.”

Wathi, “Anginandoda.”

157 Wathi, “Ukhulume iqiniso. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo ayisiyo indoda yakho. Usho iqiniso.”

158 Wathi, “Nkosi, ngiyabona ungumprofethi Wena. Manje, siyazi, uma uMesiya efika, Uzazisa Yena kithi ngaleyondlela. Siyazi ukuthi Uyositshela lezizinto.”

Wathi, “NginguYe, okhuluma nawe.”

159 Washiya imbiza yamanzi, futhi nanguya eya emzini. Wayenzi na? Wayemukelile. WayeLemukelile, isambulo lapho Lifika kuye. Wagijimela emzini wayesethi, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshela engikwenzileyo. Kungebe nguye impela uMesiya lona na?” WayeLemukelile. Nakho lapho okhona.

160 Lapho. abaFarisi nabaSadusi baphenduka, bathi, “UnguBelzebule. Ngeke sizihlanganise ngalutho naYe. Ngoba eyabo i re- . . .” Babenesisekelo. Babenendlela. Babenendlela.

161 IBhayibheli lathi, “Kukhona indlela ebonakala sengathi ilungile kumuntu; kepha ukuphela kwayo kuyindlela yokufa.” Ngakho, ungayithathi leyondlela ebukeya ilungile.

162 Woza kuKristu, yemukela uJesu njengoMsindisi wakho, futhi ugwaliswe ngoMoya oNgcwele. Khona-ke, uma uMoya oNgcwele uqala ukunyakaza phakathi kwakho, uzoqonda.

163 Yileyondlela yokuphiliswa, wazi ukuthi ubani umphilisi. UJesu Kristu ungumphilisi. Ubeyokwenza kanjani uma Efika lapha, kulobubusuku, ukukuphilisa na? Ubeyokwenza ngendlela efanayo naleyo Enza ngayo emuva lapho.

164 Owesifazane wacindezela waputshuka esixukwini futhi wathinta ingubo yaKhe. Waphenduka wayesethi, “Ubani oNgithintile?” Futhi wonke umuntu wama. Wayeseqalaza waze

Wamthola. Futhi wamtshela ukuthi wayenomopho, wayesethi, “Ukukholwa kwakho kukusindisile.”

<sup>165</sup> Lowo kwakunguJesu izolo. Lowo nguJesu namhlanje, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade. Ungeke wakukholwa lokho kuze ukuba sewemukele uKristu kuwe, bese-ke Eyafakaza, qobo lwaKhe, ukuthi NguYe. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Yileyondlela yokuMthola, kungukuMemukela.

<sup>166</sup> Nazo izizathu eziyisikhombisa zokuthi kungani sifanele siMemukele manje. Akekho omunye esingaya kuye. “Wena kuphela.” Ungeke waya ebandleni bese uthola Lokho. Angazi-hlelo ongayo kulo bese uyaKuthola. A—anginalutho oluphambene nehlelo. Kodwa abantu abaningi bacabanga ukuthi nje, ngoba banibandla, yilokho kuphela abafanele bakwenze. Ufanele uze kuJesu. UyiNdlela, hhayi ibandla. UyiQiniso, hhayi ibandla. UngukuKhanya, hhayi ibandla. UyisiSekelo, hhayi isisekelo sebandla. Uyinjabulo yaPhakade, ukuPhila okuPhakade, okuyiyona kuphela iNzuzo eyimpumelelo ehlala isikhathi eside, okuyiyona kuphela iNguquko. Okuyiyona kuphela iNdlela yokwazi uNkulunkulu, okuyiyona kuphela iNdlela yokubona iSambulo, okuyiyona kuphela iNdlela yokuphiliswa, ngukuza kuYe. Ufanele uze kuYe, bese uyaqonda futhi uMkholwe.

<sup>167</sup> Manje wena uthi, “Awu, Mfowethu Branham, angikaze ngiyibone imisebenzi enjengalokho eyake yenziwa.”

<sup>168</sup> Awu, ngethemba ukuthi uyayibona. Ngethemba ukuthi uyakubona lokho. Umhlangano usulungela ukuqala nje manje. Ngifuna wena lapha, ofuna ukuMthola, ukuMazi, uzokhulekela ukuba uMazi. Bangaki abazothanda ukuMazi ukuze niMqonde uma uMoya waKhe ufika emhlanganweni na? Phakamisa isandla sakho. Uthi, “Ngithanda ukuMazi ngendlela engangokuthi ngizoMqonda.” Ngiyabonga.

<sup>169</sup> UbungaMqonda kanjani na? Ngenxa yokuthi Ubezokwenza imisebenzi efanayo naYenzayo ngenkathi Eselapha emhlabeni na? Manje, uJohane oNgcwele 5:19, Wathini na?

<sup>170</sup> Wedlula ngaseChibini laseBethesda, elalinesigejane sabantu, beshosha futhi besontekile. UJesu wahamba ngasezinkulungwaneni ezimbili, noma ngaphezulu, abantu, wahamba ngakubo. Ubone umuntu elele ohlakeni. Ngokuba, Wayazi, niyabo; Wayembonile, ngaphambili. Wayesehlale lapho yonke leminyaka. Wayesethi... Wayengesiso isishosha, wayekwazi ukuhamba. Wathi, “Uyathanda ukusinda na?”

<sup>171</sup> Wathi, “Anginamuntu wokungifaka emanzini. Uma ngiza, omunye uhamba phambi kwami, okwazi ukuhamba asheshe kakhulu, angene kuqala.” Wathi, “Kuthi ngiseza, kwehle omunye phambi kwami.”

172 Wathi, “Thabatha uhlaka lwakho uhambe uye endlini yakho.” Umuntu wathabatha uhlaka lwakhe waqhubeka wahamba.

173 Wasukuma wabashiya khona lapho. Manje, lokho akuzwakalanga kahle hle, kwezwakala na? Kodwa lowo kwakunguJesu. Enhliziyweni, “Ngani na?”

174 Manje, uma nizofunda nje niqhubeke, elinye ivesi, ivesi 19, nizoqonda ukuthi Wakwenzelani. Lapho beMbuza, Wathi, “Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenzelutho kuYo uqobo. Kuphela lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza.” Niyakubona na? “Njengalokho uBaba, esebenza, naMi ngiyasebenza kuze kube-manje.” Ngamany’amazwi, “UBaba uNgibonisa umbono. Ngizobona ukuthi Ungitshela ukuthi angenzeni, futhi Ngizoshonje lokho Athi aNgikwenze. Ngenza kuphela lokho Angitshela ukuthi aNgikwenze.”

175 Awu, leso yisiSekelo. Lelo yiQiniso. Leyo yiNdlela. Lokho ngukuKhanya. Haleluya! Lowo nguJesu.

Uthi, “Angikaze ngiMbone.”

176 Mangisho lokhu, sengivala. Emavikini ambalwa edlule, ezansi eFlorida, eduze kwaseGulf of Mexico, ndawondawo ezansi phakathi lapho, noma ezansi eKeys ndawondawo. Kwakukhona u—udokotela, ngicabanga ukuthi kwakunguye, owehla ukuba ayodoba. Futhi wa—waqasha umphelekezeli omdala owayefanele ukuba ngumphelekezeli omuhle kakhulu, owayezokwazi ukuthi amfake futhi amkhiphe kanjani emanzini. Nomphelekezeli omdala wavele wangena esikebheni nje, wase esifuqa, wase ehamba ibanga elincane lapho ngezigwedlo zakhe, futhi walinda isikhashana. Futhi kwakungakasi.

177 No—nomfo uqala ukuzwa leyomimoya engejwayelekile, lapho sifika olwandlekazi njalo ekuseni, sigwinciza. Wathi, “Awusho,” uqala ukucabanga, “siyantanta siphumela olwandle. Ukuhlehla nokubuya kolwandle kuyasemukisa.” Wasibona isikebhe, kwakubukeka sengathi babehamba. Wathi, wacabanga, “Angifuni ukukhuluma kulowomphelekezeli, kodwa kungcono ngi—kungcono kubekhona engikushoyo.” Waphiyaza. Wathi, “Awusho, mnumzane, siyantanta siphumela olwandle, asintanti na?”

“O,” wathi, “Ngicabanga ukuthi asintanti.” Zotha, uthule nje.

178 Isikhashana esincane, waqaphelisisa isikebhe, sisalokhu sihamba, kunenkungu futhi kumnyama. Wathi, “Siyantanta siphumela olwandle. Yenza okuthize. Ungumphelekezeli. Yenza okuthize. Shesha. Siphumela olwandle. Yiyiphi indlela esibuyela ngayo emuva na?”

<sup>179</sup> Umphelekezeli omdala, ezothile nje ngakho konke, wahlala lapho, wayesethi, “Awu, linda nje isikhashana esincane, kuzokhanya, sizobe sesazi-ke ukuthi sikuphi.”

<sup>180</sup> Linda isikhashana esincane nje. Kwangathi ukuKhanya kweqiniso kukaNkulunkulu kungakhanya kulendlu, kulobubusuku. Uzobe usubona-ke ukuthi ukuphi. Uzobona ukuthi uya ngaphi, emva kwalokho.

Asikhuleke.

<sup>181</sup> Baba waseZulwini, kuyashiwo emiBhalweni, “NgiyiNdlela, iQiniso, nokuKhanya. Akekho ongeza kuBaba, ngaphandle kwaMi. Ngingumnyango wesibaya sezimvu.” “NGINGUYE, NGINGUYE, NGINGUYE,” njalo njalo, Uze uyophetha, ngokuthi, “NGINGUYE ENGINGUYE. Lowo “NGINGUYE” wayengesuye owayizolo nakusasa. Uhlala ekhona njalo, ofanayo u, “NGINGUYE.” Yonke iminyaka, kuzo zonke izizukulwane, kulolonke iPhakade, kuselokhu kungu, “NGINGUYE.” Manje, Usenguye lowo omkhulu u “NGINGUYE,” hhayi ongu “Ngangi” noma “ngiyo.” Nokho, Wawukhona, futhi Uyobakhona. Kodwa, nokho, Uhlala ukhona u, “NGINGUYE.”

<sup>182</sup> Akumangalisi umphostoli athi, “Singaya kubani, Nkosi na? Ubani esingaya kuye na? SiyaKubona wenza lezizinto. Siyazi ukuthi akekho umuntu ongenza lezizinto, uma uNkulunkulu engenaYe.”

<sup>183</sup> UNikodemu wamemezela okufanayo, “Rabi, siyazi UnguMfundisi wena ovela kuNkulunkulu. Siyakwazi. Thina baFarisi, thina malunga ebandla, siyakwazi. Ngeke sakwemukela. Sizokhishwa ebandleni. Kodwa siyazi ukuthi UnguMfundisi wena ovela kuNkulunkulu, ngoba akekho obengenza lemisebenzi Oyenzayo, ngaphandle uma uNkulunkulu wayenaye.”

<sup>184</sup> Qiniso, Nkosi, lokho kuyafana namhlanje. UyisiSekelo esifanayo; iNdlela efanayo, iQiniso elifanayo, ukuKhanya okufanayo. IsiSekelo esifanayo! Uyinjabulo efanayo. Uyinguquko efanayo. Uyafana kukho konke. Unguwe izolo, namuhla, phakade; yena Lowo owazi imfihlo yenhliziyo. Onguye izolo, namuhla, naphakade, umphilisi ofanayo, uMsindisi ofanayo.

<sup>185</sup> Nkulunkulu, kungahle kubekhona izoni lapha. Amashumi amabili noma amashumi amathathu ezandla eziphakamile, esikhashaneni esedlule, ngenkathi ngibuza ukuthi ubani ongathanda ukuKubona. Ngithe ukubabeka eceleni, isikhashana esidanyana, phezu kokuphawula kwami kokugcina, “Lindani kuze kukhanye iNdodana, khona-ke nizobona ukuthi nikuphi. Ningaphiyazeli. Ningabaleki niphume ebandleni. Ningabi, ngabathi, ‘Kushisa kakhulu ukuhlala esinye isikhathi eside.’ Kodwa asilinde isikhashana. INdodana mayikhanye. UkuKhanya makuphume. UJesu makafike enkundleni



futhi akwenze futhi enze njengoba Enza lapha ngenkathi Esemhlabeni, khona-ke sizobona ukuthi asiye ngaphi.” Siphe khona, Baba. Sicela lokhu eGameni likaJesu nangenxa yenkazimulo yaKhe. Amen.

Ngiyazi kuyashisa. Asinaso isikhathi esiningi kakhulu.

186 Bangaki okholwayo ukuthi lezozitatimende ziqinisele na?

[IBandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ayikho enye indlela yokujika. Ayikho enye indlela.

“Awu, ungaqiniseka kanjani na?”

187 Ngilihlabile ibandla, njengenhlango. Ngisihlabile isisekelo elakhele kuso, phezu kwemfundiso yababhishobhi njalonjalo, “Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha Amandla bewaphika.” Ngoba, abakholelwa ekuphiliseni kukaNkulunkulu. Abakholelwa embhaphathizweni kaMoya oNgwele. Abakholelwa eziMfundisweni zeVangeli. Ihlelo labo, amaPentecostal, ideda nje kude kakhulu. Kunjalo. AmaNazaretha, aboHambo oLungwele, bayakhukhuleka, ngoba baqala ukwemukela imfundiso yomuntu, inkolo yeqabunga lomkhiwane. Umuntu, eshaywa wumoya, “Singaya kuphi na?” Nizoba njengamashumi ayisikhombisa, azomuka na?

188 Noma, nizoba njengoPetru, kulobubusuku na? Nithi, “Nkosi, besingaya kubani omunye na? Ubani omunye ebesingaya kuye na? Sibonile ukuthi Wena uneZwi lokuKhanya okuPhakade. NguWe kuphela onaKho.”

189 NoJesu nguYe kuphela onomphefumulo wakho esandleni saKhe. Ibandla lakho ngeke lakusiza. UKristu uyakusiza.

190 Ungatholaphi. . . noma uke ukholwe noma ubone isiSekelo esingaphumelela ukuzuza noma yini emva kokufa na? Lingakwenzelani ibandla emva kokufa na? Lingakwenzelani ibandla uma odokotela bekwenqabile na? Angakwenzelani noma yimuphi umuntu uma isayense yezemithi isikuphendule yakuphendula, udliwa wumdlavuzana na? Akukho-lutho.

191 Kodwa sikhona isiSekelo. Ukhona Oyedwa. Ikhona iNdlela. Kukhona ukuKhanya. Ukhona uNkulunkulu. Ukhona umphilisi. Ukhona uMsindisi. Ukhona Ongcwelisiwe, futhi Uphakathi kwethu kulobubusuku, ngoba Wethembisa ukuthi Uyobakhona.

192 Wayesethi, “Nomaphi lapho kubuthene ababili noma abathathu eGameni laMi, Ngiyobakhona lapho phakathi kwabo. Imisebenzi engiyenzayo Mina nabo bayoyenza. Kuseyisikhashana, nezwe,” lelo yibandla nje, abangaphandle, “bangabe besaNgibona. Nokho, niyoNgibona nina, ngokuba Ngi. . .” Futhi noma ubani owake waya esikoleni sokufundwa nokubhalwa kolimi uyazi ukuthi u “Ngi” uyisabizwana somuntu. Niyabo? “Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe. Nemisebenzi eNgiyenzayo mina nani

niyakuyenza.” Misebenzi mini Ayenzayo na? Njengoba uYise ayeMbonisa.

<sup>193</sup> Yingalesosizathu ngishilo esitatimendeni sami sokugcina, “Lindani.” Angishumayelanga ize kini. Uma uJesu engakwenzi engikushoyo, iBhayibheli elathi Wakwenza, engicaphune kulo, nina . . . umBhalo Awenzayo, nginitshele iphutha-ke; iBhayibheli linephutha-ke; asiphume-ke sifumane inkolo kaMohamede, asifumane uBuda, enye inkolo ethize eyiqiniso.

<sup>194</sup> Ake ngikutshele khona manje, mfowethu, ngaphambi kokuba uqale, yinye kuphela iNdlela, linye kuphela iQiniso. Yinye kuphela inkolo ekhona, engafakazisa ukuthi uMsunguli wabo wavuka kwabafileyo futhi uhlala kuze kube-phakade, amen, lelo yiBandla likaNkulunkulu ophilayo. Benziwe kumaMethodisti, amaBaptisti, iPresbyterian, namanye, amaNazaretha, aboHambo oluNgcwele, amaPentecostal. Wonke umuntu ozelwe eMbusweni kaNkulunkulu, lowo owemukele uJesu Kristu, wakhelwe kulesoSisekelo futhi akasoze adlula, kuphumule lelothemba laPhakade. Ngisho nakuba bengaphosa uthuli ebhokisini lakho lomngcwabo ikhaskhethi, evikini kusukela manje, nokho akusoze kwakukhathaza nangokukodwa okuncanyana. Uvele nje ugudluke kulendlu endala, uye kwentsha, yilokho kuphela. Kuyokuvusa ngomuhla wokuphela.

<sup>195</sup> UJesu Kristu uyiyona-ndawo kuphela ongaphendukela kuyo. Ngiphendukela kuYe, ngayo yonke inhliziyo yami, ngawo onke amandla ami. Njengoba bengingaba njalo uma benginezinkulungwane ezingamakhulu amahlanu, njengoba senza eBombay. Lapha kulelibandla elincane, kulobubusuku, labantu abayikhulu namashumi amahlanu, noma into efana nalokho, mhlawumbe ababani kangako. Indlela efanayo, ukuphumuza umphefumulo wami kuYe, ukuthi Uozembula Yena ngandlela-thize, kulobubusuku, ezonenza niqonde ukuthi Ulapha.

<sup>196</sup> Amakhadi omkhuleko? Akhona owakhiphile? [Omunye uthi, “Yebo.”—Umhl.] Kunjalo. Uthe ukhiphe amangaki? [“Cishe amashumi amabili.”] Mfowethu Ruddell, bengilindele, kulobubusuku, ngempela. Kodwa bekushisa kakhulu, abantu baminyane futhi bagcwale swi, futhi bagcwale swi phakathi lapha, njalo—njalonjalo. Kodwa yi—yilokho, ngiqagele, ba . . . Njengoba ngenzile, kuqala. Bengifuna ukuhamba ngilande umkami, futhi ngashayela ngedlula, ukubona ukuthi bebangaki lapha, futhi ngiyabona ukuthi bekugcwele, ngavele ngabuya ngangena. Niyabo? Ngiyabuya, ngiyajika, ngiyabuya.

<sup>197</sup> Manje, kuyashisa. Kodwa, o . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Abambalwa nje, bese kuthi-ke mhlawumbe sithole abanye futhi abambalwa, abanye futhi abambalwa, futhi ngibakhulekele.

198 Manje, angisho ukuthi iNkosi izosenzela noma yini egqamileyo. Mhlawumbe Izoyenza. Mhlawumbe ingeke. Angazi.

199 Manje, ini, uqale kwelokuqala? [Umunye uthi, “Elokuqala.”—Umhl.] Elokuqala. Kulungile. Ubani onekhadi lomkhuleko eliyinombolo yokuqala na? Ungaphakamisa isandla sakho nje. Onekhadi lomkhuleko eliyinombolo yokuqala. [Omunye usho okuthize.] Uqinisekile ngalokho na? Inombolo yokuqala? [“Qhubeka. Umi ngemuva.”] O, ngiyaxolisa. Kulungile, nenekazi, woza khona lapha.

200 Inombolo yesibili, ubani onenombolo yesibili na? Ikhadi lomkhuleko eliyinombolo yesibili, ungaphakamisa isandla sakho. Intombazane encane... O, ngi—ngiyaxolisa. Ikhadi lomkhuleko eliyinombolo yesibili, ungasiphakamisa isandla sakho. Kulungile.

201 Usho ukuthi ikhadi lomkhuleko eliyinombolo yesibili alikho lapha na? [Omunye uthi, “Nanti.”—Umhl.] Inenekazi. Kulungile. Woza khona lapha, nenekazi. Khona ngapha.

202 Inombolo yesithathu. Bhekani masinya, manje, kungahle kube ngumuntu ongezwa, noma umuntu ongakwazi ukusukuma. [Omunye uthi, “Nanti.”—Umhl.] Inombolo yesithathu, phakamisa isandla sakho, ngiyacela. Ikhadi lomkhuleko eliyinombolo yesithathu. Kulungile, mnumzane. Ngiyayazi lendoda. Kulungile.

203 Inombolo yesine, phakamisa isandla sakho. Ikhadi lomkhuleko eliyinombolo yesine. Ukhona onekhadi eliyinombolo yesine, ngiyacela. Lelinenekazi lapha. Ngikholwa ukuthi ngiyalazi lelonekazi. Angiphosisi. Ngicabanga ukuthi ngiyalazi. Inombolo yesine.

Inombolo yesihlanu. Emuva ngemuva. Kulungile.

Inombolo yesithupha. Ikhadi lomkhuleko eliyinombolo yesithupha. Kulungile.

Inombolo yesikhombisa. Ikhadi lomkhuleko lesikhombisa, umnumzane ohloniphekile eza.

Inombolo yesishiyagalombili.

204 Billy, ungehla uyobalungisa, ukuze ube nendawo yokuma, noma enye into.

Inombolo yesishiyagalolunye. Ubani onekhadi lomkhuleko eliyinombolo yesishiyagalolunye na?

205 Lelinenekazi lapha? Kulungile. [Udade uthi, “Inombolo yesishiyagalombili.”—Umhl.] Inombolo yesishiyagalombili. Kulungile.

206 Inombolo yesishiyagalolunye, ubani onekhadi lomkhuleko lesishiyagalolunye na? Qalazani. Umuntu angahle ukuba uyisithulu. Inombolo yesishiyagalolunye. Inombolo yesishiyagalolunye. Ngabe baphumele phandle? Qalaza

kowakho . . . Ake nisho, ukhona onekhadi lomkhuleko esandleni sabo, qalazani. Kungahle kube umuntu ongakwazi ukusukuma. Ikhadi lomkhuleko eliyinombolo yesishiyagalolunye. Asifuni kulahlekelwa-muntu.

<sup>207</sup> Ngabe lelinenekazi *lapha* linenombolo yesishiyagalolunye na? [Omunye uthi, “Qhabo, mnumzane. Eyeshumi nane.”—Umhl.] Bhekani.

<sup>208</sup> [Omunye uthi, “Amashumi amabili-nesithupha. Amashumi amabili-nesithupha.”—Umhl.] Qhabo. Qhabo. Leyo i—leyo isiphezulu le.

<sup>209</sup> Inombolo yesishiyagalolunye. Ungeke uze nje, ngaphandle uma inombolo yakho ibizwa, uma uzobizwa. Inombolo yesishiyagalolunye.

<sup>210</sup> Ngiyalazi lelinenekazi. Nkk. Ford, unekhadi lomkhuleko eliyinombolo yesishiyagalolunye na? Omunye akabone. Mhlawumbe akezwa. Gene, ungehlela lapha, umzuzu nje, futhi ubone mayelana nalo na? Mfowethu Fred, woza lapha usize uBilly, umzuzu. Kulungile.

<sup>211</sup> Inombolo yeshumi, ubani onenombolo yeshumi na? Inombolo yesishiyagalolunye, inombolo yeshumi na?

<sup>212</sup> Baphi bonke abantu na? Kulungile. Sizozala ngalaba, ke, sithole laba. Kulungile.

<sup>213</sup> Manje, bangaki kini lapho emggeni womkhuleko ongaziyo na? *Wena* uyangazi, futhi *uyangazi*. Kulungile.

<sup>214</sup> Bangaki laphaya ezethamelini ongangazi na? Futhi angi . . . Uyazi ukuthi angazi ukuthi yini engalungile kuwe, kepha nokho uyagula na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile. Kulungile.

<sup>215</sup> Manje, wena ongangazi, nami angikwazi, ngifuna wenze lokhu. Ngifuna ubheke phezulu ngapha, futhi wenze njengoba kwenza owesifazane, sisenalomugqa omncane nje womkhuleko.

<sup>216</sup> Manje, bukani. Labobantu bayagula. Angiboni bantu abayizishosha, kodwa—kodwa lababantu bayagula. Manje, uma bedinga ukuphiliswa, awu, munye uMfo ongabaphilisa, lowo nguJesu Kristu, uMuntu oyedwa. Manje, Ubengakwenza kanjani na? Ukwenza kanjani na? Ngoba niyakholwa ukuthi Usekwenzile, ukuthi niyakholwa ukuthi Usekwenzile. Manje, uma Ephila, khona-ke Usenguye umphilisi. Kunjalo na? Phakamisani izandla zenu. Uma Esaphila, Usenguye umphilisi. Kulungile. Manje-ke, uma Engafakazisa kini ukuthi Uyaphila, lapha kulobubusuku, uma Engakufakazisa kuYe uqobo.

<sup>217</sup> Manje, Angeke aba lapha ngesimo somzimba, ngoba umzimba waKhe uhlezi ngakwesokudla sikaNkulunkulu. Bangaki okwaziyo lokho na? Nowaziyo ukuthi uMoya oNgewe, owawukuYe, usubuyele lapha manje wenza imisebenzi efanayo noWayenzayo ngenkathi UsekuYe, lokho Akushoyo. Kulungile.

Manje, uma Ezokwenza imisebenzi efanayo naYenzayo, phakathi kithi.

<sup>218</sup> Manje, nina eningenawo amakhadi omkhuleko, futhi eningangaziyo, futhi niphakamise izandla zenu, bhekani ngapha, bese nithi, “Nkosi, ngiyakholwa ukuthi Uphakathi lapha, futhi ngifuna ukuthinta ingubo yaKho. Ngokuba iBhayibheli lathi Unguye, khonamanje, umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bami. Ngiyagula, futhi ngidinga umkhuleko. Futhi ngifuna ukuthinta ingubo yaKho. Manje-ke, Wena khuluma ngoMfowethu Branham futhi ungitshela ukuthi angenzeni.” Nje—nje kwenze lokho, uthole ukuthi Ukhona yini lapha, noma qha.

<sup>219</sup> Ubani owoquqala emgqeni womkhuleko na? Kulungile. Ngabe ila- . . . Lo, inenekazi elisesihlalweni lapha na? Kulungile. Kulungile.

<sup>220</sup> Into yokuqala, ngi—ngikholwa ukuthi a—angikwazi, angicabangi. Siyizihambi omunye nomunye. [Udade uthi, “Yebo, siyizo.”—Umhl.] Siyizihambi. Kulungile. Manje, nangu owesifazane engingamazi. [“NgiyaKubonga, Jesu.”] Angazi lutho ngaye. Angikaze ngimbone empilweni yami. [“Kunjalo. NgiyaKubonga, Jesu.”] Uyisihambi kimi.

<sup>221</sup> Futhi silapha njengesithombe, njengoba kwakunjalo nje eBhayibhelini. Nakhu kudibana indoda nowesifazane, njengoJohane oNgcwele 4, uma nifuna ukukufunda. UJesu wadibana nowesifazane emthonjeni. [Udade uthi, “NgiyaKubonga, Jesu.”—Umhl.] Futhi Wayengakaze ambone, futhi wayengakaze aMbone, ngaphambilini.

<sup>222</sup> Ngakho Wathi, “Sifazane, Ngiphuzise.” Wayenzani na? Exhumana nomoya wakhe.

<sup>223</sup> Futhi wathi, “Akusilo isiko kumaJuda ukuba bacele into enjalo kumaSamariya. Asidlelani.”

Wathi, “Hamba ulande indoda yakho, uze lapha.”

Wathi, “Anginandoda.”

<sup>224</sup> Wathi, “Kunjalo. Ubunayisihlanu. Le ohlala nayo ayisiyo eyakho.”

<sup>225</sup> Wathi, “Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Manje, siyazi, thina maSamariya, siyazi ukuthi uma uMesiya efika, Uyositshela lezizinto. Kodwa Ungubani Wena na?”

Wathi, “NginguYe, okhuluma nawe.”

<sup>226</sup> Wayesegijima, watshela wonke umuzi. “Wozani, nibone uMuntu ongitshela izinto engizenzile,” noma okuthize ngaye. “Kungebe nguye impela uMesiya Lona na?”

[Udade uthi, “NgiyaKubonga, Jesu.”—Umhl.]

<sup>227</sup> Awu, uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya ngalolosuku, futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade, kungeke

yini kwafana namhlanje njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ubengenze into efanayo na? [“Amen.”]

228 Bangaki kini kulendlu, isoni, noma kungesiso, obengakukholwa uma Ebengakwenza ngendlela efanayo na? Asibone isandla sakho.

229 Manje nasi isandla sami. Ngokwazi kwami, angikaze ngimbone owesifazane kuyo yonke impilo yami. [Udade uthi, “NgiyaKubonga, Jesu.”—Umhl.] Umi lapha, ethi, “NgiyaKubonga, Jesu.” Angahle ukuba ungumKristu. Angahle ukuba akasuye.

230 Kukhona inqwaba yabantu abathi, “NgiyaKubonga, Jesu,” ongazi lutho ngaYe. Abaningi babo. Niyabo? Wathi, “Abaningi bayoza kiMi, ngaloloSuku, bethi, ‘Nkosi, Nkosi.’ Angizange nginazi,” Washo.

231 Manje, uma uJesu enguye izolo, namuhla, naphakade, futhi Elapha phakathi kwethu, uma ngingazithoba phambi kwaKhe, ukuba ngizinikele kuYe, khona-ke Ubezosebenza ngami njengoba Enza eyaKhe... UNkulunkulu uzosebenza ngami njengoba Enza ngoJesu, ngowesifazane emthonjeni? Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje, silapha, sobabili asikaze sibonane. Bekunganenza nonke nikholwe na? [“Amen.”] Bekuzoluqinisa ukhoho lwenu na? [“Amen.”] Ngakho-ke uma Elapha, uma Ephila, ngakho-ke Usenguye uMsindisi wenu, usenguye umphilisi wenu. Kunjalo na? [“Amen.”] Manje bonani ukuthi Uzokwenza yini.

232 Manje, Nkulunkulu, lokhu kusezandleni zaKho manje. Konke okunye kungokwaKho, ngokuba siyazi ukuthi umuntu angeke azenza lezizinto. Kufanele kuvele kuWe. Siza, Baba, kulobubusuku, ukuze kusizakale abantu ohlezi lapha, ngenxa yenkazimulo yeVangeli, makwenziwe, kulobubusuku, Baba, ukuze abantu bazi ukuthi Usalokhu uhlezi unguJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade.

233 Futhi kwangathi u—ubumnyama obungahle bube kwezinye zezinhliziyi zabo manje, bengazi, beqagela, bemangala, uma Uzoza nje bese ukhanyisa ukuKhanya, kwangathi bangayibona leyoNdlela, bese-ke, benyakaza bangene kuWe. Bayagula, kwangathi bangaphiliswa. Uma belahlekile, kwangathi bangasindiswa. Sizoyibona indlela ebuyela ogwini, uma iNdodana iphuma. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi “iLanga lokulunga lingaphuma manje linokuphilisa emaPhikweni aLo,” bese lisabalalisa ubuNtu baLo obukhulu phezu kwalendawo. Siphe khona, Baba. Sikucela ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

234 Ngifuna nihloniphe, ngokuba siyaqonda ukuthi ngeke sa... Lokhu akusikho ukudlala isonto. Lokhu kungukubiza

uBukhona bukaNkulunkulu uSomandla angene kulendlu encane.

<sup>235</sup> Manje niyabona lapho engimi khona na? Kukhona abantu abayikhulu namashumi amahlanu lapha. Ngike ngakusho lokhu phambi kwamashumi ezinkulungwane, nekhulu lezinkulungwane, nabaningi njengamakhulu amahlanu enkulungwane, ngesikhathi esisodwa, lapho ababehlezi khona lapho nabaphikiNkulunkulu, abangakholwa, abaphikinkolo, ababambi-zinyoka, nakho konke okunye. Angeke ehluleka.

<sup>236</sup> Manje, Ufanele afakazise ukuthi UnguNkulunkulu weBhayibheli, noma akasuye uNkulunkulu weBhayibheli. Futhi uma EnguNkulunkulu weBhayibheli, UnguYe izolo, namuhla, naphakade, uma Engamtshela lo wesifazane ukuthi uze ngani lapha. Angikaze ngimbone. Noma, amtshele into ayaziyo ukuthi angazi lutho ngayo. Uma Engamtshela ukuthi uze ngani lapha, njengoba Enza owesifazane esemthonjeni, uma Engamchazela okuthize akwaziyo. Uma ngingamazi ngisho, naye engangazi, khona-ke nakhu simi lapha okokuqala empilweni, ngempela lokho bekuzoninyakazisa kanzima, kuze kuthi yonke inkungu isuke kini. Kwangathi Angakwenza, ngumkhuleko wami.

<sup>237</sup> Manje, inenekazi elilapha ukuba lizokhulekelwa, ngifuna ngamunye nikholwe manje. Manje, ngingalazi inenekazi, ngifuna nje ukukhuluma nalo umzuzwana nje, njengoba iNkosi yethu yenza ko—kowsifazane e—emthonjeni, ukuze ngixhumane nomoya walo.

<sup>238</sup> Manje, cishe si . . . Asikaze sibonane ngaphambilini, kepha nokho iNkosi iyakwazi, futhi Iyangazi. Uma Ingangitshela ukuthi uzokwenzani lapha, ukuzongicela ngakho, into o—oyaziyo. Futhi angazi lutho ngawe.

<sup>239</sup> Manje, uma Ikuthumele lapha, nami yangiletha lapha, ukuba mhlawumbe ngikwazi ukukuchazela, noma Ingakhuluma ngami ukuthi ukhuphukele ukuzokwenzani kulomsamo, lokho bekungakwenza ukuba uYikhholwe na? [Udade uthi, “Yebo, bekungangenza.”—Umhl.] Bekungakwenza ukuthi ukukholwe na? Manje, ngiyabona.

<sup>240</sup> Nezethameli zithe bezizokholwa. Manje, silapha, silungele ukuba kwenzeke eny’into, uma uNkulunkulu esenguye uNkulunkulu. Into efanayo neyenziwa nguJesu Kristu!

<sup>241</sup> Sengiyalibona inenekazi manje. Lifuna ngikhulekele amehlo alo. Linento ethize engalungile emehlweni alo. [Udade uthi, “NgiyaKubonga, Jesu. NgiyaKubonga, Jesu.”—Umhl.] Manje, lokho bekungesikho ukuqagela. Kunjalo. [“NgiyaKubonga, Jesu. NgiyaKubonga, Jesu.”] Liyehluleka ukubona, futhi lifuna ukukhulekelwa, amehlo alo. Lelo yiqiniso. Lelo yi . . . Uma lokho kuqinisile, vayizisa leلودuku kubo, dadewethu. [“Alidunyiswe iGama laKho, Nkosi.”]

242 Manje, angikaze ngilibone ngaphambilini, empilweni yami. Yini eyenze lokho na? Yini eyenze lokho na? [Udade uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi. NgiyaKubonga, Jesu.”—Umhl.] Libonakala lingumuntu onomoya omuhle. Ucabanga ukuthi ngikugagelile lokho na? Kulungile, sizobona. [“Nkosi, sidumisa iGama laKho, kulobubusuku, Jesu.”] Manje, nenekazi. . .

243 Ukuze konke ukusola kukhishwe kulelibandla, kusukela emva kwalokhu, ukuthi ngesikhathi uMfowethu Ruddell eshumayela ngokuthi, “UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade,” ukuze kwaziwe, yilelipulpiti, ukuthi uKristu Jesu wabonakalisa inkazimulo yaKhe futhi wakufakazisa ukuthi kunjalo. [Udade uthi, “Yebo, Nkosi. NgiyaKubonga, Jesu.”—Umhl.]

244 Manje, yebo, ngiyabona li. . . Amehlo alo aya ngokuba mabi. Yibala elisemehlweni alo. [Udade uthi, “NgiyaKubonga, Jesu.”—Umhl.] Manje-ke, enye into, linto ethize engalungile. [“NgiyaKubonga, Jesu.”] Line. . . Like laba nokuhlinzwa kohlobo oluthize. [“NgiyaKubonga, O Nkosi Jesu. O!”] Okwenza inyama eyisibazi esikhulu. Alisilo elakulelidolobha. [“NgiyaKubonga, Nkosi.”] Kanjalo futhi alisilo elakulesisifundazwe. [“O!”] LingelaseKentucky. Kunjalo. Futhi linendodakazi elifuna ikhulekelwe. [“NgiyaKubonga, Jesu. Haleluya! Haleluya!”] Intombazanyana, cishe eneminyaka eyisishiyagalombili noma eyishumi ubudala. [“O!”] Lifuna umkhuleko waleyondodakazi ngoba indodakazi ikhuphukele ukuyohlizwa. [“NgiyaKubonga, Nkulunkulu. NgiyaKubonga, Jesu.”] Lowo nguISHO KANJE INKOSI.

245 Bona ukuthi lokho kuyiqiniso yini noma qha. Bekuyiqiniso lelo, nenekazi na? Uma lokho kuyiqiniso, vayizelisa leloduku futhi, kubantu. [Udade uthi, “NgiyaKubonga, Jesu. Ineminyaka eyisithupha kuphela ubudala.”—Umhl.] Yintombazanyana. Kulungile.

246 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ubani igama lakho na? [Udade uthi, “Yebo, Nkosi. Yebo, Nkulunkulu.”—Umhl.] Uma uNkulunkulu. . . Lapha, ngizonibonisa enye into. Nakhu kuza indoda, imi eceleni kwakho, leyo yindoda yakho. [“NgiyaKubonga, Jesu. NgiyaKubonga, Jesu.”] Ihlezi ngemuva khona lapha. Kunjalo. [“NgiyaKubonga, Jesu. NgiyaKubonga, Jesu.”] Nayo futhi idinga ukuphiliswa. Inesibhobo. Kunjalo. [“NgiyaKubonga, Jesu.”] Igama lakho nguCamper. [“NgiyaKubonga, Jesu.”] Kunjalo. Futhi ungowaseKentucky. Buyela emuva ezansi eKentucky, futhi wemukele. . . Uthathe leloduku futhi ulibeke phezu komntwana. [Udade ukhala kakhulu, “O!”] Ukholve ngenhliziyo yakho yonke, ungabi nakuhlinzwa. Amen. Uyakholwa ngenhliziyo yakho na? [“O!”]



247 Lokho cishe impela kungumqingo wencwadi wempilo yowesifazane. Ngibamba izandla zami, angikaze ngimbone ngaphambilini, empilweni yami. Kunjalo.

248 Manje, niyabo, wathintani na? Wenzani na? Wathinta lowomPristi oMkhulu. Wathinta Lowo onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Amen.

249 Manje, ukuphilisa kungubufakazi bukaNkulunkulu uqobo, iNkazimulo yaKhe uQobo. Kulungile.

250 Wena, ngikholwa ukuthi uyisihambi kimi. Angikholwa ukuthi ngiyakwazi. UNkulunkulu uyakwazi. Uma uNkulunkulu ezongembulela ukuthi yini inkathazo yakho, kumbe ukuthi ufunani; noma ngabe ukugula, ezasekhaya, kumbe noma kungahle kube yini; uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke, uzokholwa, nenekazi na? [Udade uthi, “O, yebo.”—Umhl.] Manje, nanti elinye inenekazi engingalazi, nalo alingazi. Siyizihambi uqobo omunye komunye. Lokhu ngukubonana kwethu kokuqala, empilweni. Kodwa, uma uMoya oNgcwele ungafika, uBukhona bungene lapha manje futhi busitshelengento ethizi mayelana nalona wesifazane!

251 Manje, ukumphilisa, ngeke ngakwenza lokho. UNkulunkulu wakwenza lokho ngenkathi Efa eKalvari. Uma eyisoni, ngeke ngamsindisa. Ngoba, uJesu wakwenza lokho e...Lokho sekuvele kuphelile. Kodwa Angafika eBukhoneni boBuntu baKhe, ukukhombisa ukuthi Usaphila, nemisebenzi yaKhe iseyiyo eyangempela, ukukwenza kube yikho ngempela kithi, uma singakukholwa.

252 [Umfowethu ukhala kakhulu nebandla lithokoza kakhulu—Umhl.]

253 “Uma ukholwa, konke kuyenzeka.” Uma nje ungakholwa manje. Ukhholwe nguNkulunkulu. Ungangabazi.

Manje, ukhona ozizwa ekahle. Nje, kulungile lokho.

254 Ngangehla ngidabula esifundazweni saseKentucky, ngolunye usuku, ngezwa indoda iza yenyuka idabula ehlatshini, imemeza kakhulu. Ngathi, “Ngabe leyondoda...Yin’indaba ngayo na?”

Wathi, “Idakiwe nje futhi izizwa ikahle.”

255 Injalo nalendoda, kodwa idakwe wuphuzo olwehlukile. Nje idakiwe futhi izizwa ikahle. Kunjalo. “Ngakho maningadakwa wuphuzo olunamandla, kodwa manidakwe nguMoya,” kwasho iBhayibheli.

256 Manje, lona wesifazane lapha, eyisihambi, uma uNkulunkulu engamtshela ukuthi iyini inkathazo yakhe, noma okuthize ngaye, aziyo ukuthi angikwazi, makabe ngufakazi, uzokwazi noma kuyiqiniso, noma qha. Kunjalo, nenekazi na? Bekungakusiza uma uNkulunkulu ubekwenzile lokho

na? Manje, ukukuphilisa, dade, ukuba bengingakwenza, bengizokwenza, kodwa ngingeke. Ngingumuntu nje.

<sup>257</sup> Kodwa inenekazi lilapha ukuba likhulekelwe. Linesimo setshe lenyongo. Kunjalo. Kanti futhi linesifo sikashukela. Yilokho ofuna ukukhulekelwa khona, akusikho, nenekazi na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, ukuze abantu babone. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Lokho bekungakusiza na? Bekungakusiza? Ngakho-ke, Nkk. Johnson, buyela emuva uthathe isihlalo sakho, futhi uphiliswe, uma ukholwa, eGameni leNkosi uJesu.

<sup>258</sup> Uma ungeke wakholwa. Angazi ukuthi yini engalungile. Kukhona okungalungile. Awuboni na? UkuKhanya kweNdodana kuyakhanya. Leyo yinto efanayo uJesu Kristu ayenzayo.

<sup>259</sup> Ngiyayazi lendoda. Bengi... Umkhwekazi wayo ulapha. Futhi—futhi ngiyamazi umkayo. Ngayigcina kudala, kudala. Igama layo nguJames Morris. Kodwa angazi ukuthi yini eze ngakho lapha. Angazi ukuthi yini engalungile kuyo. Sekuyisikhathi eside kabi uJim ngamgcina. Kodwa ngi... Wayengazi ngisengumfanyana. Kodwa, Jim, uma iNkosi ingangembulela ukuthi yini oze ngayo lapha, uzokwemukela, njengoba ukholwa-ke uzokuthola okucelayo? [Umfowethu uthi, “Amen.”—Umhl.] Uze lapha ngendodana yakho. [“Amen.”] Leso yisimo esiphathelene nengqondo. [“Amen.”] Uyakholwa ukuthi izophila na? [“Amen.”] Hamba, ukukholwe, ke. [“Amen.”] Kholwa kuphela, yonke inhliziyu yakho. (Ngicabanga ukuthi ngifanele ngize, Mfowethu Jim.)

<sup>260</sup> Ngiyalazi lelinenekazi. Lingunkosikazi womngane wami othandeka kakhulu. Igama lalo nguHimmelheber. Ngike ngakubona esitolo, lapha, esikhathini esingeside esedlule. Anginalwazi lokuthi yini engalungile kuwe. Ngiyakwazi. Ngiyayazi indoda yakho. Indoda yakho nami sikhula ndawonye, njengabafana. Futhi yafundela, ngiyakholwa, yafundela ukuba owelapha ngokwelula amalunga, ukuba ngumeluli wamalunga. Kunjalo. Futhi ngi... ukwazi nje ukuthi yini engalungile kuwe. Kodwa uma iNkosi izongembulela...

<sup>261</sup> Manje, Nkk. Himmelheber, ngenxa ka—ka—ka—kaGilbert, nangenxa kadadewabo engangivamise ukuhamba nabo, khona nge—ngenxa yabo, uma bengingakuphilisa, bengizokwenza, kodwa ngingeke. Kodwa Izokwenza, uma uzokholwa manje. Futhi uma Izokwazisa ukuthi—ukuthi... Kusobala, ngiyalazi igama lakho. Futhi sekuyisikhathi eside ngikwazi, kodwa angazi ukuthi yini engalungile kuwe. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini engalungile kuwe, uzoMkhholwa, ngokuphiliswa kwakho? [Udade uthi, “Ngiyakholwa.”—Umhl.] Yisifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba yileyo inkathazo yakho. [“Yebo.”] Ngiyakubona ubal’khuni, uzama ukuphuma

embhedeni, ekuseni. Kunjalo impela. Kulungile. Buyela ekhaya wemukele ukuphiliswa kwakho, Nkk. Himmelheber. INkosi uNkulunkulu ayikusindise. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

<sup>262</sup> INkosi ikubusise. Niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kholwani nguNkulunkulu. Kulungile.

<sup>263</sup> Nanti inenekazi. Buka lapha, dade. Qhabo, angimazi owesifazane. Ngethemba ukuthi asazani. Kodwa uNkulunkulu uyasazi, kunjalo na? Sazalwa, sehlukenene ngeminyaka, kodwa lona ngumhlangano wethu wokuqala, ngokwazi kwami, noma ngokwazi kwakho. Lokhu kungokwethu kokuqala. Ningambona enyakazisa ikhanda lakhe. Kunjalo. Lesi yisikhathi sokuqala sokuba ngize ngimbone owesifazane, empilweni yami. Kodwa—kodwa uNkulunkulu usazi sobabili. Wasazi kusukela sisengabantwana. Wasazi. Wasazi ngaphambi kokuba kuze kubunjwe izwe. Wayazi ukuthi siyobe simi khona lapha, kulobubusuku.

<sup>264</sup> Wayazi ukuthi lesisehlo sasizokwenzeka, kungakabikho ngisho i—iatomu noma imolekhuli engumsuka wezinto. Wa—Wayekwazi, Yena, ngoba Wayekhona. Ungongenasiphelo. Wayazi yonke into ngaphambi kokuba kuze kubunjwe izwe. Wayazi yonke into eyake yenzeka. Wayazi zonke izimbuzane, njalo uma icwayiza ngeso layo. Wazi konke, ngoba Ungongenasiphelo. Niyabo? Futhi ungeke ukubekele imingcele kunoma yini okungenasiphelo. Nje U...Kungukuphelela nje kokuphelela, okwakuhlala kuYe. Usefikile nje. Yilokho kuphela. Niyabo?

<sup>265</sup> Manje, uma Engangitshela ukuthi yini inkathazo yakho, khona-ke uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke na? [Udade uthi, “Nkosi!”—Umhl.] Uzokholwa, yonke inhliziyo yakho na? [“Yebo.”] Kulungile.

<sup>266</sup> Uphethwe inkathazo yenhliziyo ofuna ukuba ikhulekelwe. Inhliziyo. Kunjalo.

<sup>267</sup> Manje, kukhona okunye okusenhliziyweni yakho, nokho. Uyabong, ngikubambile lokho. Uyabo? Ucabangile, “Ngabe uzongixosha ngaphambi kokuba asho lento na?” Qhabo. Ngizokutshela. Ulapha ngenxa yomfana, indodana yakho. Kunjalo. Naleyondodana ayikho lapha. [Udade uthi, “Qhabo.”—Umhl.] Leyondodana iseOhio. [“Yebo.”] Isesibhedlela seTB. [“Yebo.”] IneTB. [“Yebo.”] Futhi ayisindisiwe. Futhi ukhulekela umphefumulo wayo, nokusinda kwayo. ISHO KANJE INKOSI.

<sup>268</sup> Ngikuphosela inselelo ukuba ukuhlale lokho, bese ubona ukuthi kuyikho yini, noma qha. Yiqiniso lelo. Akusilo, nenekazi na? [Udade uthi, “Yebo, mnumzane. Amen.”—Umhl.] Yiqiniso. [“Yebo.”] Kulungile. Angikwazi ukuphilisa. Uzokholwa na? [“Yebo, mnumzane.”] Hamba-ke futhi wemukele. Njengoba

ukukholiwe nje, yilokho impela nje ozokwemukela. Hamba, eGameni leNkosi. Amen.

<sup>269</sup> Niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyabo? Yena, i...Awu, ukuKhanya kuyakhanya. Siyazi ukuthi sesikuphi manje. SiseBukhoni beNkosi uJesu.

Wena uthi, “Ufunda imiqondo yenu.”

<sup>270</sup> Kulungile. Angizukulibuka ngisho lelinenekazi. Beka isandla sakho kwesami, nenekazi. Uma iNkosi izongitshela ngapha, ngibuka nga ngapha, ukuthi yini engalungile kuwe, uzokukholwa lokho na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Futhi uyakholwa ukuthi uzophiliswa na? [“Yebo.”] Kuseqolo lakho. Kunjalo. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho usisuse kwesami. [“Amen.”] Hamba, uphiliswe. UJesu Kristu uyakusindisa. Niyabo? Kulungile.

<sup>271</sup> Uyi—UyiNkosi uJesu nje, onguye izolo, namuhla, naphakade. Kulungile.

<sup>272</sup> Lendoda ezayo, ufuna ukwelapheka ekuqaqambeni kwamalunga omzimba na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? [Umfowethu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Buyela emuva usinde. Kulula kunjalo nje. Kukholwe nje. Buyela esihlalweni sakho bese uthi, “Ngiyakholwa ngenhliziyo yami yonke, ngayo yonke ingqondo yami.” Uzosinda. Kukholwe nje ngenhliziyo yakho yonke. Ungangabazi. Kulungile, mnumzane.

<sup>273</sup> Lona wesifazane lapha, kusobala, niyambona uyaqhaq hazela. Unedumbe. Mhlawumbe kukhona okunye okungalungile. Ake sibone. Yebo, mnumzane. Unesifo sikashukela. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa kulesosifo sikashukela, mama na?

<sup>274</sup> Nkosi Nkulunkulu, siyayichitha lento embi, eGameni likaJesu Kristu. Kwangathi angaphiliswa. Amen.

Buyela esihlalweni sakho usinde, dadewethu.

<sup>275</sup> Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

<sup>276</sup> Nina-ke, enihlezi lapho na? Niyakholwa na? Niyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? [Ibandla lithokoza ngokumemeza kakhulu futhi lithi, “Amen.”—Umhl.] Kukhona i... Uma ningahle nikholwe.

<sup>277</sup> Wena ongenalo ikhadi lomkhuleko, wena o—ogulayo futhi odingayo, kholwa nguNkulunkulu. Ungakukholwa. Kulungile.

<sup>278</sup> Ulethe lowomfana ukuba azophiliswa. Kuseqolo lakhe. Kunjalo. Uyisishosha. Uyakholwa ukuthi ungamthatha umbuyisele eArkansas, futhi asinde, futhi abe kahle na? Ufuna ukuyeka labo osikilidi, bese uthi, “Ngizoyeka,” futhi u... futhi—futhi ukhonze iNkosi futhi wenze okufanele na? Uzokwenza na?

Kulungile. Kulungile. Manje-ke hamba, ubeke isandla sakho phezu komntwana manje, usami lapho. Kwangathi iNkosi uNkulunkulu waseZulwini ingamphilisa umntwana. Futhi ikwenze . . .

Nginiphosela inselelo ukuba nikholwe.

<sup>279</sup> Kukhona inenekazi elihlezi lapha, libuka ngamehlo alo phansi, libuka, lingibuka. Unenkathazo ngomlenze wakho. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Ubuzongikholwa na? Nkk. Worley. Kulungile, mnumzane, kunjalo impela. Angikaze ngikubone empilweni yami. Leyo yindoda yakho ehlezi emva kwakho lapho. Ingumshumayeli. Angikaze ngiyibone empilweni yami, kodwa yiqiniso lelo.

<sup>280</sup> Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi kwenzenjani kuwe, mnumzane na? Unendawo ebusweni bakho, awazi noma ngumdlavuzwa, awazi ukuthi kuyini. Unesibhono, futhi. Kunjalo. Ufuna ukuphiliswa. Yiqiniso lelo, Mnu. Worley. Kulungile. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? [Umfowethu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Hamba-ke futhi wemukele ukuphiliswa kwakho, eGameni leNkosi uJesu. Yilokho-ke. Kunjalo.

<sup>281</sup> Amehlo akho-ke? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, emuva lapho, uhlezi lapho ungibuka na? Kulungile. Uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke. Kholwa nje nguNkulunkulu, yilokho kuphela ofanele ukwenze.

<sup>282</sup> O, he! Kwenzeka kuyo yonke indawo, manje, uma nje ungahle ukukholwe. Kutholakala okuningi kakhulu phakathi lapha manje, wonke umuntu uzama ukukholwa. Manje uyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu na? Uyakholwa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade na?

<sup>283</sup> Manje, ngabe ukhona umuntu lapha ongaMazi njengoMsindisi wakho, futhi ufuna ukusindiswa na? Ungathanda ukwenza lokho na? Awukaze uwemukele uMoya oNgwele, futhi ungathanda ukuza futhi ube kuKristu, ukuze ube yikholwa na? Phakamisa isandla sakho, uma uthi, “Ngithanda . . .” UNkulunkulu akubusise. Yenyukela lapha ealtare, khona manje.

<sup>284</sup> Sinikeze indlela encane kulolopiyano lapho, umzuzu nje, ngaphambi kokuba siqede nya.

<sup>285</sup> Ngiyakumema, woza lapha, ealtare lapha. Woza khona lapha futhi uguqe phansi. Lowo, ngumfo omncane. Sukuma ume mpo. Woza lapha, ntombazanyana. Wena o . . .Buka lomfanyana. Lokho bekufanele kube amahloni komunye. Ufuna ukuya ngale, ngaphambili na? Ufuna ukusondela eduze kwaKhe na? Woza khona manje. Khuphuka uze impela manje. Amen. Khuphuka uze impela manje eBukhoneni bukaMoya oNgwele. Kunjalo, mfowethu. Woza, manje. Ungekhuphukele lapha uguqe phansi, ngaphambi kokuba kuqhubeke inkonzo

yokuphilisa. Khuphukela lapha impela manje futhi uphiliswe emphefumulweni, bese ubhekisisa ukuthi kwenzekani. Woza ungene kuKristu.

<sup>286</sup> UyiNdelela, iQiniso, ukuKhanya. Akekho ozayo, ngaphandle kwaKhe. Sithi, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, noma ngabe ungubani, ongakemukeli uMoya oNgcwele, manje sekuyisikhathi sokukwenza. Khuphuka manje, futhi uze ungene kuKristu. Uzomangala ngaLokhu. Awuzukwazi ukuthi Kubanjwa kanjani. AwuzukuKuqonda, ngaphandle uma wemukela uMoya oNgcwele. Woza manje.

<sup>287</sup> Uma ngikhulume iQiniso, uNkulunkulu ukhulume kimi. UNkulunkulu ukhulume ngami. Ngikhulume iQiniso. NguYe kuphela iNdelela. NguYe kuphela isiSekelo. NguYe kuphela insindiso. “Ayikho insindiso ngelinye igama elinikwe phansi kweZulu, kepha eGameni likaJesu Kristu.” Ungeze, uMemukele manje na?

<sup>288</sup> Bangaki abahlubuki abasemuva lapho, abathanda ukuza bakhuphukele lapha, baguqe phansi manje na? Wena owahlubuka futhi wasuka kuNkulunkulu, ungeze khona manje na? Khuphuka uze. Yilo lelihora.

<sup>289</sup> Manje bukani. Uma ukwenqaba lokhu, angazi noma lisekhona yini, noma yimuphi wenu, noma yiliphi ithemba lakho, noma qha. Manje, angisho ngoba ngami lapha. Kodwa ngiyanitshela, bangane, yikuphi okunye futhi uNkulunkulu angakwenza na? Yiso lesi isikhathi. Yilo leli ihora uNkulunkulu akhuluma ngalo kubantu.

<sup>290</sup> Nakho-ke, dadewethu. Nakho-ke, bodadewethu. Khuphukani impela. Yilo leli ihora. Yiso lesi isikhathi sakho. Awusoze wabuye usondele kakhulu kuYe, uze ufe bese uhamba eBukhoni baKhe. Ukhona lapha, Ezifakazisa ukuthi uyaphila. Ungeze na?

O Wundlu likaNkulunkulu, ngiyeza! Ngiyeza!  
 Njengoba nginje, ngingenasicelo,  
 Kodwa ukuthi iGazi laKho lachithelwa mina,  
 Futhi njengoba ngiza, ngizokholwa,  
 O Wundlu likaNkulunkulu, ngiyeza! Ngiyeza!  
 Njengoba nginje, ngingalindile  
 Ukususa emphefumulweni wami elilodwa . . .

<sup>291</sup> Banebala elilodwa elimnyama, ngukungakholwa. Wozani. Yikho lokhu. [Ibandla likhuleka kakhulu—Umhl.]

Wena, OGazi lingahlanza ibala ngalinye.  
 O Wundlu likaNkulunkulu, ngiyeza! Ngi . . .

<sup>292</sup> UngaMenqaba kanjani, emva kokuba Esefike ngamaZwi, wangena ekuMuntu, ekwazisa ukuthi Ulapha, ekhuluma kuwe, ekhuluma kuwe manje na? LeloPhimbo elincane likhuluma kuwe. Lowo nguNkulunkulu. Ufuna ukuba uze. Asinaso

isikhathi eside kakhulu sokuba lapha, bangane. Siyahamba lapha. Ungeze yini futhi uguqe nalesisigejane sabantu na? Uthi, “Nkulunkulu, ngihawukele. Manje ngifuna ukwemukela uKristu. Ngifuna ukuzalwa ngokusha. Ngifuna ukugcwaliswa ngoMoya oNgcwele. Ngifuna into eyiyo ngempela. Ngifuna ukuba ngowangempela.”

<sup>293</sup> Woza, khona manje, uzungeze ialtare, njengoba sricula lelivesi elilandelayo. Uzoza yini manje siseza na? [Ibandla liqhubeka nokukhuleka kakhulu—Umhl.]

<sup>294</sup> Manje, abanye benu bantu abangamaKristu yenyukelani lapha, macala onke nani. Abanye benu bantu abagulayo wozani, niguqe phansi, nani. Abanye benu bantu ongamaKristu, yenyukani bese niguqa kanye nalaba, sisakhuleka.

. . . mukele,  
Uzokwemukela, uxolele izono, uzikhulule;  
Ngoba . . .

Woza nabo, soni. Woza nabo, wena.

. . . za kuWe,  
O Wundlu likaNkulunkulu, ngiyeza!

Yehlela khona phakathi lapha . . . ? . . .

Njengoba nginje, ngingalindile  
Ukususa emphefumulweni wami ibala  
elilodwa elimnyama,  
KuWe, OGazi lingahlanza ibala ngalinye,  
O Wundlu likaNkulunkulu . . .

<sup>295</sup> Uzolahlekelwa yisibusiso uma ungezi. [Ibandla liqhubeka nokukhuleka kakhulu—Umhl.]

Njengoba nginje, Wena uzongemukela,  
Uzokwemukela, uxolele, uhlanze, ukhulule;  
KuWe OGazi lingahlanza ibala ngalinye,  
O Wundlu likaNkulunkulu, ngiyeza! Ngiyeza!

<sup>296</sup> Kulungile. Lonke ibandla manje khotamisani amakhanda enu, Nonke, ngomkhuleko, khulekelani lababantu abazungeze ialtare, nonke ngamunye.

<sup>297</sup> Wonke umuntu lapha ealtare, manje, senifike phezu kwezisekelo zeGazi elichithekileyo. Nize lapha ukuba nemukele uMoya oNgcwele. Nize ukuba nithethelelwe izono zenu; uNkulunkulu, Olungile nje novumayo.

<sup>298</sup> Kuzoba namanzi alindile. Ningeza echibini, kusasa, ukuba nibhaphathizwe, ezansi esontweni, uma umelusi efuna ukuniletha lapho.

<sup>299</sup> “Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono, khona niyokwemukela isiphiwo, uMoya oNgcwele.”

<sup>300</sup> “Kwathi uPetru esakhuluma lawamaZwi, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwalabo abalizwayo, ngokuba babezwa bekhuluma ngezilimi.”

<sup>301</sup> Nkulunkulu waseZulwini, Owayenabaphostoli, OnguNkulunkulu kuze kube-phakade, Ulapha kulobubusuku.

[Ibandla liqhubeka nokukhuleka kakhulu—Umhl.]

<sup>302</sup> Manje wonke umuntu makakhothame ngomkhuleko. Wonke umuntu phakamisa iphimbo lakho nje futhi ukhuleke, umelusi esasihola.

Mfowethu Ruddell. Kulungile.





*SIYAKUYA KUBANI NA? ZUL60-0604*  
(To Whom Shall We Go?)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMgqibelo kusihlwa, ngo Juni 4, ngo 1960, eTabernakele Gospel, eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2008 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)